


KUSUKELA KULESO SIKHATHI

 Ngangivame ukuba ngale kwelinye idolobha lapha, into ethize ngaphambi kokuba siyibambe eGrants Pass. Futhi yena nje, wenyukela kwenye indawo e-Oregon. Ngisanda kuhlanguka naye phandle lapho, futhi ngi... Uyazi kuyakuxhuxhumisa ukuhlanguka nabangani abadala futhi, kuyangenza. Futhi ngicabanga ngaye ngaso sonke isikhathi. Wayevamise ukuba... apha the emihlanganweni, ngamtshela ukuthi ubefanele abe phakathi lapha ngaphambili kancane, futhi besizomtshela okuthize.

Wathi, “Angikwazi ukungena. O, ngidingeke nje ukuba ngigijime ngehle futhi ngikubone.”

Futhi ngathi, “Kungcono ungene.”

² Okunye ukuxhuxhuma okusanda kufika emizuzwaneni embalwa edlule, njengoba uBilly, indodana yami, enginika iphasela elincane. Futhi ngi-ngiyantshela, bekuyinto emnandi ukwedlula zonke engi—engibe nayo esikhashaneni impela. Bekukhona intombazane encane lapha, futhi yathola umphefumulo wayo omncane wonke ushukumile, futhi yangithumelela u—umnikelo. Futhi uma izisebenzeli zeNhlanguka yamazwe zicabanga ukuthi ngizokufaka lokhu, zinephutha. Futhi linenothi elincane lapha elihle ngempela.

³ Iyasho, ukuthi, “Ngikuthanda kakhulu. Ngineminyaka eyishumi nantathu ubudala. Ngikunika lomnikelo. Ngiwuthole ngithengisa amabhodlela. UNkulunkulu akubusise kuze kube phakade”: amasenti ayishumi nantathu.

⁴ Lokho bekumnandi ngempela. Ayizange isayine igama layo, yathi, “intombazane encane nje ethanda iNkosi.” Noma ngabe ungubani, dadawethu othandekayo, uNkulunkulu akubusise. Lokho ngukuthi... Awazi ukuthi lokho kusho ukuthini kimi. Lokho kungewe nje kimi njengomuntu othize enginika imali eyiphapha yamadola ayikhulu phakathi lapho.

⁵ Ngicabanga ukuthi kwakungumGypsy Smith omkhulu, ekufundeni enye yengqikithi yomlando wempilo yakhe. Wabuzwa ngesinye isikhathi ukuthi kwakuyikuphi ukuxhuxhuma okukhulu kunakho konke ake aba nakho. Wathi, “Awu, babezomthathela umnikelo wothando ngobunye ubusuku, futhi lapho enyuka ngezitebhisi ezingemuva,” wathi, “kwakukhona intombazane encane emanikiniki imi lapho.”

⁶ Futhi yathi, “Mnu. Smith?” Yathi, “Sivela emndenini ompofu.” Futhi yathi, “Uholele umama wami nobaba eNkosini uJesu.” Futhi yathi, “Bengazi ukuthi kulobubusuku bekungumnikelo wakho wothando, futhi bengingenalutho

engingakunika lona.” Yathi, “Futhi inenekazi namhlanje linginika i—iloliphu, futhi nje bengingafuni ukuyisebenzisa emnikelweni, Mnu. Smith, ngakho ngi—ngivele ngayisonga nje ngase ngicabanga ukuthi ngizokunika umnikelo wami siqu sami.” Iloliphu, okuncelwayo okuncane.

⁷ Wathi wabuka lowomntwana ompofu omanikiniki nokuthi kwenzekani. Niyazi, lokho kusho ukuthi, lokho kuvela enhliziyweni yangempela. Niyazi, leyo yinto nje emnandi nethintayo. Futhi ngicabanga ukuthi yilapho ukuphila kwangempela kulele khona, yilapho kuvela ngasenhliziyweni.

⁸ Ngingacabanga nge—ngento ethize encane ngalolohlelo komunye wemihlangano enhla eFinland. Ngicela uxolo, kwakuse...yobo, ngisacabanga ukuthi kwakuyiFinland; yobo, kwakuyiyo, eKuopio. Angikaze ngicabange ngakho isikhathi eside. Kwakukade kukhona umfana omncane ovuswe kwabafileyo, engangimbone embonweni iminyaka emibili (lapha eMelika) ngaphambi kokuba ngiye phesheya kwezilwandle.

⁹ Kungahle kube nabanye abantu lapha abangizwile ngikhuluma ngakho; ngiyakhuphuka... Ya, kunezandla eziningi eziphakeme. Ukuthi ngathi, “Kuzobakhona umfana omncane ndawondawo, elele lapho okukhona khona izihlahla, izihlahla zeshoba, futhi kuyoba amadwala amakhulu agamanxelene ndawonye. Nomfana omncane uzobulawa engozini, neNkosi uNkulunkulu iyomvusa.”

¹⁰ Futhi ngangehla ngivela embhoshongweni wase...ngiyo... sekuyisikhathi eside; angisalikhumbuli igama lombhoshongo. Kwakusenhla e...kwakuseKuopio, eFinland, cishe eminyakeni eyishumi nambili edlule, futhi sasehla.

¹¹ IFord eke yasetshenziswa, cishe iminyaka eyisithupha noma eyisikhombisa ubudala eFinland, ibiyothengisa cishe ngamadola ayizinkulungwane ezimbili namakhulu amahlanu, mhlawumbe izinkulungwane ezintathu. Futhi upetroli ungamasenti ayisishiyagalolunye nanhlanu igalani. Ngakho lapho okwakukhona okungenani amashumi amabili-nanhlanu, abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu-nanhlanu, ubungabona cishe izimoto ezimbili noma ezintathu. Futhi phezulu phakathi lapho, ba—bagibela okufana nesihlibhi esincane, njengokusasihlibhi, iNdiya ayagqoka, agibele futhi, noma, ayevame, ukuba ahambe ngokusasihlibhi, futhi ayenenyamazane ikaribu eyayibahudula ngalesisileji. Bese kuthi-ke ezansi e... .

¹² Ngangikade ngiphezulu emotweni esiqongweni segquma, futhi ezansi kwakuyiKuopio, eFinland, i...Ngangilapho ngesikhathi cishe ngoMeyi. Ilanga...Banosuku olulodwa kuphela onyakeni lapho, usuku olulodwa nje. Izinyanga eziyisithupha ilanga liphakeme; izinyanga eziyisithupha liphansi. Futhi lokhu kwakungenkathi nje ilanga liphuma nje

onqenqemeni lomkhathizwe. Phakathi kwamabili, sasingavele nje...kuhle futhi kuyakhanya njengoba kunjalo phakathi lapha, sifunde iphephandaba phakathi nobusuku. Bese-ke liyabuya futhi. Futhi uvele nje uyolala lapho wozela; lokho kuthi akube yindlela ophatha ngayo usuku ilanga lisaphakeme. Bese kuthi-ke liphansi unyaka, noma, izinyanga eziyisithupha. Manje-ke...Lokho kusenhla eLapland.

¹³ Futhi ngehla entabeni lapho esasikade sicula khona, kwakukade kukhona i-iNgisi elidakiwe enhla lapho. Lalingazi ukuthi kwakuyini etak-...Lalingumthengi wamapulange wezeNgilandi, futhi lalifuna ukwazi ukuthi lokho kucula kwakumayelana nani. Futhi lase lithi alibe libi njengami, ngi...Lapho ungakhuluma isiFinishi, ulunge kakhulu, ngoba ngicabanga ukuthi cishe banezinhlamvu ezingamashumi amahlanu noma amashumi ayisithupha ohlamvini, futhi ngakho ba...Bangabantu abanomoya omuhle kakhulu, abanye babantu abahle kunabo bonke engake ngahlangana nabo empilweni yami. Futhi babengabantu abathandekayo kakhulu.

¹⁴ Ngakho manje-ke, ngenkathi ngisephezulu lapho, leliNgisi laliqhubeka. Futhi ngalithshela ukuthi kwakungumhlangano wezenkolo. Ngalibuza ukuthi laliyazi yini iNkosi uJesu njengoMsindisi walo siqu. Lathi qhabo, lalingazi lutho ngenkolo. Ngakho lapho ngaba nenhlanhla yokubona iNkosi uJesu isangulule leyondoda futhi eyinika insindiso emphefumulweni wayo, iguqe phansi phandle lapho kulolodaka nenkucunkucu phandle lapho egcekeni lalapho lombhoshongo omkhulu, kuwuhlobo lombhoshongo womlindi, umbhoshongo womlindi omdala wasendulo. Futhi sasiphezulu lapho sidumisa uNkulunkulu siphezulu.

¹⁵ Futhi babengitshela ukuthi amaRashiya ayengena kanjani ngesikhathi sempu bese eqathaza amabhomu edolobheni, bese eza phezu kwalowombhoshongo. Bese kuthi-ke sasingabuka ngaphesheya ngqo kweKhethini leNsimbi siyongena eRashiya, cishe amamayela amabili ukuqhela.

¹⁶ Sehla...Ngenkathi sesibuthene ndawonye ukuba sibe nomkhuleko emva kokuba sebebene leliNgisi...Ngangehla futhi nje ngihambahamba ekugcineni kombhoshongo, no—noMfowethu Jack Moore wayenami, futhi leliNgisi lalisanda kufika kuKristu. Ehla onke, neNto ethize yeza phezu kwami eyisimanga ngempela. Awu, bathatha isithombe sakho, nginaso ekhaya.

Ngathi, “Khumbula, kukhona okulungiselela ukwenzeka; ngiyakuzwa nje. Kukhona okuzokwenzeka. Angazi ukuthi ini.”

Ngakho baqala ukubuza, “Kuzoba yini na?”

Ngathi, “Angazi. Kuyinto nje elungiselela ukwenzeka.”

¹⁷ Cishe imayela ezansi egqumeni, sibonile lapho okwakukhona cishe iFord eyenziwe eMelika eneminyaka

emihlanu noma eyisithupha . . . Abanye babantu, wayephezulu egqumeni embhoshongweni wayehlile, nezinye izingane zesikole ezincane zazivela esikoleni. Futhi bona . . . abazali bazo . . . Bahlala edolobheni, into ethize efana neJalimane, bahlala edolobheni, futhi balima phandle emaphandleni, bese bebuyela edolobheni.

¹⁸ Abafanyana ababili, omunye cishe oneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, nomunye cishe, o, ngingathi, cishe iminyaka eyisithupha ubudala. Babenqamula umgwaqo, nalemoto iza ngesivinini, futhi kungekho zimoto, ba . . . cishe impela lapho, babengalindele moto. Nabafo abancane bebambene ngezandla, futhi bayibonile imoto isonteka; nomunye waqala ngenye indlela, nomunye, enye. Futhi babebambene ngesandla. Ekugcineni, badedela isandla somunye nomunye, nendoda, umshayeli, waxhuxhuma, futhi wayengazi ukuthi ahambe ngaphi, ngoba abantwana bedluthula macala omabili, behluleka ukulawula imoto.

¹⁹ Futhi omunye womadgadi ngakwesokunxele washaya umfanyana oyedwa ngqo phakathi kwamehlo *kanjalo*, futhi wamjikijela ngale, wawusumphihliza esihlahleni nokuquleka kobuchopho futhi wephula amathambo akhe. Futhi omunye, wagijima waqonda ngqo phezu kwakhe, *kanjalo*. Waya ngale, futhi wamphosa, lapho isondo elingemuva lamshaya khona, yonke indlela ngaphesheya komgwaqo kuyongena otshanini obuluhlaza obugundiwe. Imoto yagijima yeqa igquma, futhi yaphahlazeka esigejaneni samadwala, yase igumbuqela.

²⁰ Sasifike enkundleni, kwakukade kukhona o—omunye umuntu, inqola eyayifike lapho phambi kwethu futhi yathatha umfana omncane owayephefumula, yamyisa esibhedlela sabo. Nendoda eyinduna yedolobha, elingana nemeya yedolobha, yayilapho, udokotela wayefike lapho, futhi . . .

²¹ Kodwa umthetho eFinland, ukuthi abakwazanga ukugudluza lomntwana manje, kuze kufike abazali. Ngakho-ke babehambe ngehhashi, noma, inqola eya ensimini ukuyothola abazali bomntwana, ukubangenisa.

²² Futhi awu, sama. UMfowethu Gordon Lindsay, umlamu kaMfowethu Hall, wayekhona, uMfowethu Ern Baxter, noMfowethu Jack Moore, nabazalwane abaningana; futhi sama. NoNkk. Isaacson; angahle abe khona kulomhlangano kulobubusuku; uhlala phandle phakathi lapha ndawumdawo. Ngabe ukhona, Dadewethu Isaacson na? Wayengumhumushi wami ongumFinishi.

²³ Futhi ngakho, baphuma emotweni ukuba babuke umfana omncane futhi babuye. Sasiyibonile ingozi eyayenzekile. Bayabuya base bethi . . . Ngathi, “Bekuyini na?”

²⁴ Wathi, “O, phuma futhi ubuke, Mfowethu Branham, ngumfana omncane obulewe. Kwakukhona omunye obulewe naye, bayacabanga, sebevele bamthathile bamyisa esibhedlela.”

²⁵ Ngathi, “O, angifuni ukuhamba.” Ngathi, “Ngicabanga ngomfanyana wami uqobo, uBilly Paul, ngaleyonkathi.” Wayengumfana nje, futhi kwase kuphele izinyanga ngingamboni. Futhi uma nonke nazi, unina usefile, futhi bengiyikho kokubili umama nobaba kuye, futhi yingalesosizathu singoshomi ndawonye. Wangicela ukuba ngingalokothi ngimshiye uBilly, ngenkathi efa, futhi ngi. . . U—ubengushomi wami kusukela lapho.

²⁶ Futhi nga—nga—ngangingafuni ukubuka umfana omncane. Bekuyoletsha nje. . . Ubeyothi akabe neminyaka kaBilly ngaleyonkathi, cishe eyisishiyagalolunye, iminyaka eyishumi ubudala. Futhi nonke niyakhumbula ukuthi nginitshela kanjani ukuthi umfana omncane ubeyobuka: Wayethi ukuba nenye yalezozinwele ezigundwe zaba yisiqhova namehlo ansundu. Futhi wayengomncane. . . ewagqokile, esasivame ukukubiza ngezinsuku zami, okufana ne “bhulukwe elincane elifika okhalweni” elincane, bese kuthi-ke amasokisi akhe—akhe amade nonyawo lwakhe bekuyofihlizwa amasokisi akhe amade nyakhe. . . Ubeyobulawa engozini.

Awu, angiyanga ngale, noNkk. Isaacson wathi, “Ngikholwa ukuthi ufanele uye ngale.”

²⁷ Ngahamba ngayobuka umfana omncane, ngaya ngaleya futhi babebeke ibhantshi lakhe ebusweni bakhe. Ngenkathi ngibona lowomfo omncane bandla elele lapho, ephihlizekile kanjalo, nje—nje ngaqala ukukhala izinyembezi. Ngaphenduka futhi Into ethize yabeka isandla saYo phezu kwami. Ngangicabanga ukuthi kwakunguMfowethu Moore. Futhi ngaqalaza, futhi kwakungekho muntu eduze kwami, nalesosandla sasilokhu sihleli ehloambe lami. Awu, ngathi, “Lokho kuyaxaka.” Nesandla sasuka kimi.

²⁸ Angazi noma uyakholelwa yini e, nonke nikholelwa ezintweni ezingaphezu kwemvelo noma qha, kodwa kwenzeka, ngokufanayo nje. Ngase ngiqala ukunyakaza futhi, nesandla sabuyela emuva ehloambe lami futhi. Ngacabanga, “Awu, ngiyamangala ukuthi kusho ukuthini lokhu. Mhlawumbe ngifanele ngikhulekele lomfana omncane.” Futhi ngacabanga, “Awu. . .”

²⁹ Ngabuka emuva futhi, base bebumbozile ubuso bakhe obuncane phezulu. Futhi kwakukhona cishe abantu abangamakhulu amathathu bemi lapho. Futhi ngaqala ukuqhubeka, isandla savele sangibamba. Awu, ngathi. . . buyela emuva, ngase ngiqala ukubuyela ngakumfanyana, nesandla sasikahle, sasuka kimi. Awu, ngikwenze kabili lokho. Futhi ngathi, “Ake ngibone umfana omncane futhi.” Futhi phakamisa

i...Nkk. U-Isaacson engikhulumela, ukukuhumusha, futhi bangiphakamisela i—into ukuba ngibone ubuso bakhe futhi. Futhi ngabheka. Ngacabanga, “Lokho kuyaxaka. Kubukeka sengathi ngimbonile lowomfanyana.”

Awu, uDokotela Manninen, wayeyinhloko yeNhlangotho yaBefundisi yase—yaseHelsinki, futhi ngakho ngi...Wayenami.

Futhi ngathi, “Dkt. Manninen, ngabe—ngabe lowomfanyana ubesemgqeni womkhuleko na?”

³⁰ Wathi, “Angicabangi kanjalo.” Wathi, “Ngizobuza abanye babefundisi bendawo.” Futhi babemi lapho. Qhabo, babengakaze bambone umfana omncane, babengazi ngaye.

³¹ Ngathi, “Kuyaxaka; kubukeka sengathi ngimbonile umfana omncane.” Ngaqala ukuhamba futhi, nalesosandla sabekwa ehlobo lami futhi. Ngabheka emuva, ngase ngicabanga, “Into ethize i str-...”

³² Futhi ngaqaphela: ukugundwa kwezinhlobo ezincane zaba yisiqhova, amehlo amancane ansundu ephushelwe ngaphandle, eqhiyeme, unyawo oluncane luvele esokisini lakhe lapho olwalufihlizwe khona kanjalo. O, wayesesimweni esibi kakhulu. Leyomoto yavele nje yamngcinya *kanjalo*, nesondo elingemuva emva kokuba lilahlekelwe ukulawula, lavele nje lamqhwabaza, futhi wavele nje—nje waba yiqeqeba kwi—kwi aselereyitha *kanjalo*, futhi nje kwaqhubeka ngale kwegquma. Indoda ayizange ilimale; babeyidonsele ngaphandle kwengozi, futhi yayiyodwa. Ngase-ke ngibheka futhi, futhi nga—ngabheka phezu egqumeni. Futhi kwakukhona lezozihlahla zeshoba ziza zisuka egqumeni, lezi zingqimba zamadwala.

³³ O, he! Bangane abangamaKristu, ngithemba ukuthi ngolunye usuku, uma kungesikho lapha, sizoba kwelinye izwe, lapho lowomuzwa ofika kuwe lapho wazi. Ngifisa sengathi bengingaba nalowomuzwa ngaso sonke isikhathi. Uma benginga...Kuyinto ethize. Wuthando; kufana nothando olujulile ngempela. Futhi ngi...Ukuba—ukuba udeveli wayethumele konke ukuhlushwa kwakhe ekuhlushweni futhi wama khona lapho kulezozinkundla, bekuyo...bekungeke nhlobo kunyakazise lowomuzwa. Kuyinto ethize uNkulunkulu ashilo ukuthi izokwenzeka futhi niyayibona khona lapha ibekwe phambi kwenu. Kuzokwenzeka.

³⁴ Ngakho ngathi, “Ngiyamazi umfana.” NoMfowethu Moore nabo bemisela lapho. Ngathi, “Bheka eBhayibhelini lakho, Mfowethu Lindsay, ephepheni elingabhalwe lutho.” Niyazi, nginicelele nina bantu, ngenkathi ngidlula lapha, kwakuyiPortland ngaleyonkathi, ukubhala ephepheni elingenalutho leBhayibheli lenu. Ngikubonile esitimeleni siya eFlorida. Futhi ngathi, “Ngakubhala lapho, ‘ISHO KANJE INKOSI, umfana omncane,’ ngachaza ukuthi wayebukeka kanjani, ‘uyovuswa ekufeni.’”

Futhi wabuka ephepheni elingenalutho leBhayibheli, noMfowethu Moore wathi, “Yilowomfana.”

³⁵ Ngathi, “Nguye lowo.” Ngathi, “Manje...” Futhi ngabatshele bonke abantu futhi ngaba noNkk. Isaacson, ngathi, “Manje, batshele, ‘Nje hloniphani ngokuzithoba.’” Ngathi, “Uma lomfana omncane engemile ngezinyawo zakhe, ephila, emizuzwini emihlanu kusukela manje, khona-ke ningangikhipha eFinland; ngingumprofethi wamanga.” Niyabo? Ngathi, “Umfana omncane uzovuka kwabafileyo khona manje,” usefe cishe imizuzu engamashumi amathathu.

³⁶ Futhi ngakho, babelindele ubaba nomama, futhi bengicabanga ukuthi kufanele ukuthi bazizwa kanjani, ukuthi babeyozizwa kanjani ukuba beze, babone umfanyana wabo efihliziwe futhi elele emgwaqeni kanjalo. Ulimi oluncane lwalulenga, ohlangothini lomlomo wakhe, igazi ligobhoza ezindlebeni zakhe, nakho konke. Ngakho, ngaguqa phansi ngendlela nje umbono owabonisa ngayo, ngabeka izandla phezu komfana omncane, futhi kwathi nje ngingambeka izandla, ngathi, “Baba waseZulwini, eMelika eminyakeni emibili edlule, Wangethembisa impilo yalomntwana, ukuthi iyovuka futhi. Manje, ukufa ngeke kwakubamba lapho lowombono ukhuluma.” Ngathi, “Kufa, buyisela ukuphila kwakhe eGameni likaJesu Kristu.”

Umfana omncane wagxuma futhi wadazuluka...?... niyazi. Wayengojwayelekile nje futhi ephile saka njenganoma yimuphi umntwana owayengake abe njalo.

³⁷ Manje, nginakho lokho kubhalwe yindoda eyinduna yedolobha laseKuopio, eFinland, endlini yami yokutadishela namhlanje. Kunjalo. Kubekwe lapho kubhaliwe kwase-ke kuhunyushwa ngakolunye uhlangothi, ukuthi kwakuyini. Wathi, “Mfowethu Branham, simpofu eFinland. Asikwazi ukukunikeza lutho, into kuphela esinayo yiphepha, ngakho nansi incwadi yaseKuopio nokuphawula okuvela kimi.” Futhi inophawu lwabo kuyo *kanjalo*, ngenkathi ebhala ubufakazi qobo lwakhe.

³⁸ Omunye wangibhalela eseFinland lapha esikhathini esingaside esedlule. Wathi, “Lokho bekungamanga.” Futhi wayezobhala incwadi ngakho; kwakungamanga.

³⁹ Futhi ngathi, “Qhubeka ngqo, vele ubhale incwadi. Khona-ke ngizoshicilela lobu bufakazi bemeya yedolobha emva kwakho. Ngakho manje, qhubeka nje futhi ubhale noma yini ofuna ukuyibhala.”

⁴⁰ Ngabe sinomzuzwana nje, emibili, omude wento ethize na? Ngifuna ukukuqeda lokho. Ngalobobusuku ngenkathi sisuka eFinland, ukuthi...Sasihamba siyongena endaweni; babebaningi kakhulu lapho; babefanele babe nonogada esitaladini. Futhi ngiyongena egumbini, lapho, ngangihamba

ngapho; kwakukhona cishe amasosha ayisithupha noma ayisikhombisa engizungezile. Labo abancane baseFinland babene... bengakabi badala ngokwanele ukuba bashefe nokho, onke amanye amadoda asekhulile ayebulawe cishe ngamaRashiya. Futhi ngakho, babengingena.

⁴¹ Futhi lapho uzalwa eRashiya, uma uqhele ngamamayela angamashumi amane ukusuka endaweni yakho yokuzalwa, ufanele ube nevisa. Kodwa ungavumeli muntu ukuba ake akutshela ukuthi akukho maKristu eRashiya; kukhona izigidi zawo. Futhi kwakukhona lawomasosha aseRashiya a... Awakwazi ukusakaza izinto njengoba sinazo, umculo wokuzibinya nayo yonke leyonto, laphaya e... lutho ngaphandle kwebhizinisi nokuhweba e—emsakazweni. Futhi lapha, lokho kwakuhambe kuyo yonke iRashiya. Ngi... .

⁴² UBaron von Blomberg wangitshela esikhathini esingesele esedlule, umfo omncane ababemkhiphe emva kwe-Iron Curtain, wathi, “Ngiyamangala, Mfowethu Branham, ukuthi inkonzo yakho ayaziwa kangcono eMelika kunalokho eyikho.” Yaziwa kangcono eRashiya kunoma kunjalo lapha, lapho kwakukade kusemva kwe-Iron Curtain. Wathi, “Sonke sezwa e—emsakazweni, lowmfanyana evuswa kwabafileyo phezulu lapho.” Futhi manje, lokhu... Lawomasosha aseRashiya emi esitaladini, ashaye isaluthi yaseRashiya ngenkathi ngedlula. Futhi babethi... nomhumushi engitshela lapho bedlula, wathi, “Bathi, ‘Sizokwemukela uNkulunkulu onjengalo.’” Impela.

⁴³ Niyabo? Okuyikho, ngubuthakathaka bebandla obuvusa ubuKhomanisi; bazala kulolohlobo lweqanda. Uma ibandla lithathe yonke imali ekhona ezweni futhi lakha ama-altare egolide esigidi samadola, nabantu bebulawa yindlala esitaladini na? Ningabona ukuthi kungani izinto ezinjalo zizovela. Kodwa makuthi noma yisiphi isidalwa esingumuntu sibone into yangempela kaNkulunkulu, sizoyikholwa, uma sinanoma yini kuso ukukholwa ngayo.

Ngakho wayemi lapho, wayesethi, “Sizokwemukela uNkulunkulu onjalo, ongavusa abafileyo. Sifuna ukwazi ngalokho.”

⁴⁴ Futhi ngizonitshela, ngenkathi ngisekulendaba, ngingahle ngisho lokhu: Ngibone amasosha amaRashiya edumela amaFini okhalweni lwawo, phakathi lapho ngaphakathi kwesakhiwo, futhi begonana futhi bembambathana, njengoba kwenza abantu baseScandinavia, begonana futhi bembambathana. Noma yini eyokwenza umRashiya agaxe umFinn, nomFini agaxe umRashiya, kuzoxazulula izimpi kuze kube phakade. Asiwadingi ama-UN, sidinga uJesu Kristu, yilokho izwe elikudingayo. Niyabo?

⁴⁵ Ngingena ngalobobusuku, kwakukhona intombazanyana ephumayo. Wena ofunde indaba; wena... Mfowethu Gordon,

akazange akubhale ngemininingwane; wathi nje ukukusho. Wayephuma endlini yokulala yamanenekazi, njengoba kwakunjalo. Futhi lapho siqala ukuphuma sihamba ngalendlela nalawomasosha, naleyontombazanyana, ngenkathi iphuma, yayinomlenze owodwa othi awube mfishane kangako kunomunye. Futhi khona-ke yayine—nebhande elikhulu eliyithandele, ne—ne—nensimbi eyashona phansi, eyenziwe ekhaya, *kanjalo*, futhi yayinezinduku zokuqhugela ezimbili. Wayinebhande ekugcineni kozwane lwayo lihamba phezu kwehlombe layo futhi lihhukeke lapha ngemuva kwalelibhande. Futhi ngenkathi liqala ukuhamba, laline, lakhipha izinsimbi zalo, noma, izinduku zokuqhugela, lase-ke lithatha ihlombe lalo elincane lase liphakamisa lowomlenze omncane lase liwubeka obala kanjalo, khona-ke lenza isinyathelo salo. Futhi ngakho, lingibonile.

Futhi babebexwayisile, niyazi.

⁴⁶ Ngiyazithanda izingane, futhi ngangingena esitaladini nenye yaleyomali endala yaseFinland futhi ngithenge isixheke esikhulu salowoswidi, niyazi. Futhi mfowethu, bengiyobe ngiwunikeza izinganyana. Nganginohide olusuka lapha, izindlu ezimbili zasedolobheni, ezazingilandela ndawo zonke, ngoba ngi—ngiyabathanda abantwana.

⁴⁷ Futhi ngakho ngase ngiyibuka, yagexezelisa ikhanda layo elincane *kanjalo*; lalesaba ukuthi lalenze into ethize engalungile. Futhi ngabuka lowomntwana ngase ngiqala, ngaqhubeka, neNto ethize yathi, “Khuluma kulowomntwana; ufuna ukukhuluma nawe.”

⁴⁸ Ngama. Namasosha ayelokhu . . . Ayengakwazi ukukhuluma isiNgisi, ngakho ayelokhu eqhubeka. Ngangiwezwa ecula, *Kholwa Kuphela*. Futhi ngakho ngaqala kulokho, lawomasosha nje emi lapho nje. Ngase ngithi, “Umzuzu nje lapha.” Lawo amanye amasosha abheka emuva. Futhi ngathi, “Umzuzu nje.” Niyabo?

⁴⁹ Futhi ngakho, leyontombazanyana, ngayibuka, ngase ngithi, “Woza ngapha, s’thandwa.” Yayingaqondi; yayibukeka ithi ayibe nesishiyagalolunye, iminyaka eyishumi ubudala. Ngase ngithi, “Woza ngapha, s’thandwa.” Futhi yagexezelisa ikhanda layo elincane phansi; kusobala yayingakuqondi engangikusho. Futhi ngi—ngi . . . Yaphinda yangibuka phezulu futhi, yase egebisa ikhanda layo elincane ngokushesha impela, okomntwana. Futhi ngayiqhweba *kanjalo*, “Woza lapha.” Futhi yakhhipha izinduku zayo ezincane zokuqhugela, yayisiphakamisa lowomlenze futhi nansi iza. Futhi ngavele ngama ngathula, namasosha ama lapho nje ebuka ukuthi kwakwenzekani.

⁵⁰ Yenyukela ngqo eduze kwami, lapho engangikhona, *kanjalo*. Yavele yama nje, yagobisa ikhanda layo elincane, nesiketi sayo esidadlana esimanikiniki silenga phansi, izinwele zayo

ezindala ezincane phezu kobuso bayo. Ngathola kamuva ukuthi yayiyintandane encane yasempini yaseFinland; unina noyise wabulawa. Yayihlala ethendeni. Futhi—futhi ngabuka, futhi yangibuka *kanjalo*. Yangibuka phezulu, nezinyembezi ezinkulukazi zehla emehlweni ayo amancane, zehla ebusweni bayo *kanjalo*.

⁵¹ Yafinyelela ngale yabe ibamba ibhantshi lami, futhi nje yanganga ephaketheni lebhantshi lami; yase-ke ikhipha isiketi sayo esincane *kanje*, isiketi esincane esimanikiniki. Yathi, “*Kiitos*.” Lokho kusho ukuthi “ngiyabonga.” Inhliziyo yami yayiphezulu nje emlonyeni wami; uyazi ukuthi uzizwa kanjani *kanjalo*; leyonganyana encane. Futhi ngabuka ngalendlela, futhi ngayibona imi phandle lapho ingenazo izinduku zokuqhugela noma izinsimbi, idumisa uNkulunkulu nje.

⁵² Ngathi. . . Ngiyakholwa ukuba ngangikade ngingumzenzisi omkhulu kunabo bonke ezweni, uNkulunkulu ubeyokuhlonipha lokho kukholwa komntwana. Impela Ubezokwenza; Wayeyosihlonipha.

Futhi ngathi, “S’thandwa, e, o, ngingakutshela kanjani na?” Nga—ngathi, “Usuphulukisiwe, s’thandwa. uNkulunkulu ukuphilisile.”

“Jesu,” wathi, “*Kiitos, Jesus*.” Lokho ngukuthi “Ngiyabonga, Jesu.”

Ngathi, “Ngikwenze. . .”

Angiwazanga amanye amazwi, niyabo, ngathi, “Ngiyakusindisa. *Kiitos uJesu uyakusindisa*.” Wayengakuqondi lokho. Bese-ke be. . .

Nakhu kufika uMfowethu Baxter emnyango, wayesethi, “Woza, woza.”

Futhi nga—ngacabanga, “Awu, uNkulunkulu uzoyazisa ngesinye isikhathi, ngakho-ke ngavele ngaqhubeka ngangena. Izothola, ibekahle.”

⁵³ Ngakho ngaqhubeka ngangena, futhi saba nomugqa omkhulu womkhuleko. Nisibonile, isithombe encwadini salezozinqwaba ezinkulu zezinduku zokuqhugela nezinto, nje zinqwabelana zingizungezile *kanjalo*. Ngokushesha nje lapho lokho. . .

⁵⁴ Kwenzekani ngalobobusuku na? Bekukhona cishe abantu abayisishiyagalombili noma abayishumi abeza emsamo. Kwase kuthi-ke, kwakukhona u—uhlobo lowesifazane waseLapland ehlezi emuva lapho, wayenengane enezinxemu; wayeyibeke kwiphansi. UMoya oNgewele wahambahamba, futhi angikwazanga ukumthola. Ngacabanga, “Nkosi, bengingeke ngilisho lelogama; ake ngilipele.”

⁵⁵ Futhi ngaqala ukupela igama lakhe, ngalitshela ukuthi lalingubani, ukuthini konke ngaye, *kanjalo*, nokuthi yini

engalungile ngengane yakhe. “Icoshe futhi uyibuke,” Yathi; elipela, manje, ukuthi wayeyi . . . Nokuthi wakuqonda kanjani, angazi. Wadumela leyongane wayiphakamisa futhi wayibuka, namehlo ayo eqonde ngqo ngakho konke. Uthanda uku . . . Wayevele nje waba namajaqamba cishe impela, phansi naphezulu nje kulelophansi ememeza, lapho izinkulungwane zabantu . . .

⁵⁶ Bese kuthi-ke uHoward, njengoba nje uBilly enza manje, umfowethu, ngenkathi engithinta ohlangothini . . . Ngicishe impela ngiquleke phansi kwaleyo mibono. Wangithinta *kanjalo*, “Isikhathi sokuhamba.” [UMfowethu Branham umbambatha uhlangothi lwakhe—Umhl.]

Futhi ngaqala ukuhamba, Into ethize yathi, “Awume kancane; biza abanye futhi.”

Futhi ngathi, “Umzuzu nje, Howard.” Ngathi, “Ungangithathi manje.”

Wathi, “Ngani na?”

Ngathi, “Ake sibize abanye abantu abahlanu.” Ngathi kuku, Nkk. Isaacson, ngathi, “Biza ngesiFinishi i—i . . . izinombolo ofanele uzibize.”

⁵⁷ Futhi wabiza olandelayo. Futhi ngomusa kaNkulunkulu, ngaphandle kwegumbi, leyontombazanyana yaba ngelandelayo enekhadi lomkhuleko; ukuthi kanjani uNkulunkulu ekubuseni kwaKhe.

⁵⁸ Bangane, ngiyanitshela: into enkulu kunazo zonke engake ngayibona empilweni yami ngukuzithoba nje kuNkulunkulu futhi uhambe eMoyeni, niyabo, nje usuku nosuku, ukuthi Uzokuhola kanjani futhi enze izinto.

⁵⁹ Futhi ngenkathi ngibona lentombazane encane iza, ngacabanga, “Ayibongwe iNkosi.” Bayenyusela emsamo, bayisiza ukuba ikhuphuke. Futhi ababili noma abathathu babangenisi bayenyusela kimi, bayithwala, base beyihlalisa phansi. Ngathi, “Manje, Nkk. Isaacson, bhekisisa lokhu.” Ngathi, “Manje, shono nje amazwi engiwashoyo.”

Futhi wathi, “Ngizokwenza.”

⁶⁰ Ngathi, “S’thandwa, uJesu Kristu uhloniphe ukukholwa kwakho phandle lapho ngenkathi wanga iphakethe lami esikhashaneni esedlule. Ubunikeza izinhlonipho ezintweni obucabanga ukuthi bezingezikaNkulunkulu.” Ngathi, “UNkulunkulu ukuphulukisile. Manje, yana laphaya bese uhlala phansi futhi ube nabanye babefundisi noma abanye ukuba bakhumule lezozinsimbi kuwe. Futhi ubambe isandla sakho enqulwini yakho *kanje*.” Futhi uyinikeze okuthile ukuba ikwenze ukugcina isibindi sayo, niyabo?

⁶¹ Ngakho ngathi, “Lapho uza . . . Lapho u . . . Lapho behambisa insimbi, nehhuku elikhulu lensimbi ngaphansi

konyawo lwakho lapha, lapho behambisa lokho, vumela isandla sakho sehle ngesitho sakho njengoba nje ucabanga ukuthi leyonsimbi injalo, ubufishane bomlenze wakho.”

⁶² Futhi ngakho ngathi, “Lethani umuntu olandelayo, manje.” Futhi baletha olandelayo. Abefundisi bayiyisa lapho. UNkk. Isaacson ukukuhumusha, futhi bayiyisa lapho futhi baqala ukuqqaqqa into.

⁶³ Ngakho, into yokuqala niyazi, ngayizwa idazuluka. Nansi iza emsamo, yomibili imilenze ijwayelekile nje njengoba ibingaba njalo, lezozinduku zokuqhugela phezu kwekhanda layo, idazuluka futhi uqhubeka. O, he. Kwakuyinto eyodwa nje emva kwenye, emva kwenye, emva kwenye.

⁶⁴ Ngaya ekhaya ngalobobusuku, ngabuka phansi ngaphesheya lapho, ngibona lawomaFini ehamba enqamula lapho, izandla zabo ziphakamele emoyeni, bedumisa uNkulunkulu. Kungaleyonkathi-ke iNgelosi yabonakala ngalo omunye umfanyana. Niyifundile indaba yalokho e—encwadini. Nokuthi kanjani lowomfana omncane, elele lapho efa, odokotela base bemdelile, waphulukiswa ngokuhlwa okulandelayo khona impela nje lapho uMoya oNgcwele wathi uyophulukiswa. Futhi wahamba futhi ngokwejwayelekile wayephilile, ephila namhlanje; ngisathola izincwadi ezivela kubo, ukuthi iNkosi yabaphilisa. Usalokhu enguJesu Kristu.

⁶⁵ Kumnandi: Ngiyabonga, dadewethu omncane, ngalokhu okweshumi. Njengomfundisi, ngifanele ngemukele okweshumi. Ngakho, ngiyakubonga ngomusa omkhulu, ntombi yami encane. Futhi kwangathi uNkulunkulu angakubusisa njalo. Futhi ungamvumeli umama wakho akutshela ukuthi ukhuluphele. Awunjalo. Niyabo? Kulungile. Wathi phakathi lapha, angikufundanga lokho; wathi, “UMama uthi ngikhuluphele, kodwa angikhuluphele.” Angikholwa nawe ngokunjalo. Ngakho, uma u, uNkulunkulu ukunika isifiso senhliziyo yakho, s’thandwa, ngumkhuleko wami, uma kusho noma yini kuNkulunkulu kuwe.

⁶⁶ Manje, kulobobusuku bengizonikeza isehlakalo esenzekile. Futhi kuqala, ngifuna ukufunda i—iZwi. Manje, kusasa ntambama... (Iqala ngasiphi isikhathi izinkonzo, Mfowethu na? Ligamenxe elesibili.) Manje, kusasa ligamenxe elokuqala, wonke ofuna ukuba... ngena emgqeni womkhuleko ukuba ukhulekelwe, sizobe sikhapha amakhadi omkhuleko, silethe lonke iqembu njengoba senze izolo ebusuku. Yileyo ndlela engicabanga ukuthi inkonzo yami izoqala ngayo futhi iqhubeka kusukela izolo ebusuku. Nonke nina enifuna ikhadi lomkhuleko wozani ligamenxe elokuqala kusasa ntambama, kungakedluli kuna—kuna... nibe lapha kungakedluli elesibili noma ikota kamuva, ngoba onke amakhadi mhlawumbe azonikezela ngalesosikhathi, futhi ngeke kuphazamise wonke umhlangano.

⁶⁷ Manje, uma eminye yemilayezo ngenkathi ngisashumayela, uma uyikhathalela, abafana unayo lapha, uMfowethu Goad noMfowethu Mercier. Bakuphi, Gene na? Esitendini ngemuva kwesakhiwo, banokuqoshiwe namateyipu. Lababafana, ba... kungokwabo, futhi ba... bayojabula ukunivumela nibe nabo. Futhi ngikufunisisile ngale ekuthengiseni kwabo nokunye nokunye.

⁶⁸ Nginixoxele indaba ukuthi abafana baxhumana kanjani nami izolo ebusuku. Futhi ngathumela kumfundisi kungekudala ukuba athole iteyipu. Wangikhokhisa amadola ayisishiyagalolunye ngayo. Futhi ngahlola lababafana, futhi ngicabanga ukuthi cishe amadola amabili nengxenye, noma, into efana naleyo; benza cishe amashumi amathathu-nanhlanu, amashumi amane, mhlawumbe, amasente angamashumi amahlanu ngeteyiphu, bethenga iteyipu engcono kunawo onke, iScotch Tape, futhi benze edlula konke. Uma bebeka inani elikhulu kubo, ngizobatshela khona manje: “Akusekho ukuthengiswa kwamateyipu!” Qhabo, mnumzane.

⁶⁹ Manje, bafanele babe nokuthile kwezindleko zabo, ngoba bahlakaza inqwaba yamateyipu, nakho konke, bese kuthi-ke ba—bafanele baphile. Omunye wabo yindoda eganiwe, futhi ngakho si...Bafanele baphile, futhi banelungelo lokwenza okuncane ngawo. Bese kuthi-ke ngezinye izikhathi, bawathole onakele futhi aphuke, futhi bawathumele ngaphandle futhi bangakhokhelwa ngawo, futhi, niyazi ukuthi kuhamba kanjani. Njengezincwadi zethu nje emuva lapho: Ngithenga lezo kwi *Voice of Healing* ngamaphesenti angamashumi amane ngaphansi. Futhi nge, lapho sifanele sikhokhele ukuwathengisa, nenkokhelo yezindleko...

Futhi bengihlala ngithi, “Uma noma ubani efuna incwadi...” Nikeza i-oda kubafana ngaso sonke isikhathi:

Uma noma ubani efuna incwadi, futhi ikhehla elimpofu liyenyuka, bese lifaka isandla ephaketheni lalo, “Yimalini na?”

“Awu, zingamasenti angamashumi ayisikhombisa nanhlanu,” noma, noma ngabe yini zona...idola, noma, noma ngabe zibiza malini.

Futhi lathi, lona, “nginamasente angamashumi ayisithupha.”

Litshela, “Baba, thatha incwadi bese uqhubeke; khohlwa yikho.”

⁷⁰ Niyabo? Liyeke lihambe. Ngaleyondlela, izincwadi azizixhasi ngisho. Ibandla lizofanele lingisize ngezincwadi. Si...Isikhathi esizikhokhela ngaso, nokuzigaya, ne—nezimvithi, nokudatshulwa, nakho konke okukuzo, nalokho esizofanele sikuphe nezinto, ngani, a—aba... abasup... abazixhasi. Futhi ngakho khona-ke, asinalutho esenza imali ngalo. Konke esikwenzayo...

⁷¹ Nami uqobo: Umnikelo wami wothando uya ezinkundleni zemishini. Angiwuboni. Uhambela into enhle. Ngithola amadola ayikhulu ngeviki ebandleni lami, noma ngabe kuseMelika, ngaphandle kweMelika, noma ngabe kukuphi, ngithola amadola angamakhulu angamashumi amahlanu nambili ngonyaka. Yilokho engiphila ngakho, futhi sifanele siphile ngokusondelana, nomndeni omkhulu njengoba nginawo. Futhi ngifanele ngihlale endlini yomfundisi yebandla.

⁷² Futhi asizi neze lapha ngenxa yemali; leyo akusiyo inhloso yethu. Isizathu kuphela sokuthi sivumele i . . . sithenge izincwadi futhi sizithengise futhi, futhi sithengise amateyipu nalokho, yingoba sicabanga ukuthi kuzoqhubekisela phambili imbangela kaJesu Kristu. Akukho-mali kukho nhlobo. Kodwa ngeke ngivume izincwadi noma amateyipu nanoma yini enye ukuba ithengiswe ngosuku lweSabatha. Lokho kukusasa. Ngeke sizithengise ngeSonto; asikaze sikwenze, futhi asizimisele neze ukukwenza. Futhi ngakho uma ufuna ezinye zezincwadi, amanye amateyipu noma amarekhode, kuzoba ngemuva kwesakhiwo kulobubusuku.

⁷³ Futhi uma ukuthola, futhi ungacabangi. . . Uma ungenayo imali, kungowakho noma kanjani. Uyakuthola, akubizi amasente angamashumi amahlanu, kumbe noma ngabe yini oyikhokhile ngakho, yithumele emuva ngqo, noma ukulahle futhi usitshele, noma ukunike omunye umuntu. Uwunike omunye umuntu, bese uthumela futhi usitshele ukuthi bekungakuyifanele; imali izobuyiselwa kuwe. Ngakho asifuni lutho olu . . . Noma yiziphi izindleko, noma yini enjalo nhlobo. Akulutho.

⁷⁴ Kodwa u—umnikelo wothando ungowensimu yangaphandle. Angiwemukeli mina qobo; uthathwe ngunobhala wami wasensimini; wabalwa ngabefundisi, wanikwa yena, wafakwa ebhange. Futhi lapho ngiya phesheya kwezilwandle kanjalonjalo, uyangesekela emasimini angaphandle ukuletha lomlayezo ofanayo wokukhululwa kubantu abangazi ngisho nokuthi yisiphi isandla sokudla nesokunxele. Liya lapho-ke. Angazi neze, ngisho, ukuthi yini iminikelo, ngaphandle uma omunye umuntu engitshela. Lapho ngifika ekhaya, ngizobe ngihambile inyanga, ngakho ngizothola amadola angamakhulu amane lapho sengibuyela ekhaya ukuyokhokha izikweletu zami nezinto. Manje, yileyondlela esiphila ngayo, ukuze nizoqonda ukuthi asinayo noma yini . . . qhabo, qhabo . . . asisibo abemali, kumbe noma yini enjalo. Futhi esinakho, ngifuna ukukwenza kucace ngempela ukuze nizokuqonda.

⁷⁵ Manje, kulobubusuku bef- . . . Ngifuna ukuthatha indikimba encane, uma ngingayibiza kanjalo, ukukhuluma kuyo imizuzwana embalwa. Ngaphambi kokuba sisondele kuLo, asikhothamise amakhanda ethu, umzuzwana nje, senzele umkhuleko.

⁷⁶ Baba waseZulwini, siyaKubonga ngokuvela khona impela ekujuleni kwenhliziyo yethu. Kanjani izehlakalo, Nkosi, ngiKubonile ukwenza emihlanganweni yami emincane, kungasaphathwa lawomadoda amakhulu asensimini, njengoMfowethu Roberts, noTommy Osborn, nalabo. NgiKubonile wenza okwenele ezinkonzweni zami uqobo ukubhala amaBhayibheli amaningi ezinto ezinkulu, ngokuvusa abafileyo. Makuthi odokotela basayine isitatimende kuso. Ukwenza izimpumpothe, izithulu, izimungulu; ukusho ngaphambili, esho ukuthi yini ngempela, kubhekisiseni kwenzeka ngaso sonke isikhathi ngokuyikho impela. Wena unguNkulunkulu, futhi siyazi ukuthi Wena unguNkulunkulu.

⁷⁷ Ngiyacela, Baba, uma ekhona phakathi kwethu kulobubusuku, oyedwa ongakholwa, kwangathi okuthize kungenziwa noma kushiwo kulobubusuku, obekuyobangela owesilisa noma owesifazane ukuba anikele ukungakholwa kwabo kuWe futhi bakushintshe kube nguMoya oyiqhawe ngempela wokukholwa ovela kuNkulunkulu, uMoya oNgcwele. Siphe khona, Nkosi. Usulungele ukususa ububi babo nokubanika okuhle. O, Ulunge kakhulu, Baba; siyaKuthanda ngakho.

⁷⁸ Sikhulekela ukuthi Uzophefumulela abefundisi baKho yonke indawo. Kwangathi bangaba amathoshi avuthayo kulelihora elimnyama esiphila kulo, njengoba sibona lokho okubizwa ngempucuko kucima khona impela ukuKhanya kukaNkulunkulu, uma kungenzeka. Kodwa nokho, lelothoshi lizovutha ezinhliziyweni zabantu kuze kufike uJesu. Baba, yengeza abaningi ezikhundleni kulobubusuku, siyakhuleka. Phulukisa bonke abantu abagulayo, bonke abahluphekile, sikhulekela ukuthi umusa waKho nesihawu kuzophumula phezu kwabo. Baphe ukuPhila okuPhakade ezweni elizayo, futhi ubanike impilo enhle kulelizwe. Ngokuba kulotshiwe eBhayibhelini, “Bengiyothanda phezu kwakho konke, ukuba uphumelele empilweni.”

⁷⁹ Khuthaza amabandla kuso sonke isigodi nakuyo yonke indawo e—emelwe kulokhu okukhulu, imvuselelo kaMoya oNgcwele, eshanele izwe. Siyakhuleka, Baba, ukuthi Uzolivuselela futhi ngendlela enkulu. Ake kuqale lapha e-Oregon futhi, imvuselelo enkulu kuwo onke amabandla.

⁸⁰ Kusasa, iSabatha, kwangathi amabandla angagcwaliswa, kwangathi abefundisi bangavutha, kwangathi imiphefumulo ingangeniswa, kwangathi abaningi bangeza bevuma izono zabo futhi badinga umbhaphathizo wamanzi. Siphe khona, Baba. Futhi kwangathi Ungagcwalisa wonke umuntu ngoMoya oNgcwele, olandela isithako saKho somuthi nokusetshenziswa kwawo, njengoba sakufundisa ngobunye ubusuku. Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzobazisa ukuthi isithembiso singesazo zonke izizukulwane, futhi “noma ubani

othandayo; bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.” Yilokho isithako saKho somuthi nokusetshenziswa kwawo esakushoyo; sikholwa lonke iZwi lakho. Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzopha lokhu kuwo wonke umuntu.

Sithethelele isono sethu. Thatha inkonzo ibe sezandleni zaKho futhi uthole inkazimulo kuWe uqobo, eGameni likaJesu siyakhuleka. Amen.

⁸¹ Manje, ngifisa ukufunda umugqa nje esahlukweni 4 nevesi le 17 likaMathewu oNgcwele:

Futhi kusukela kuleso sikhathi uJesu waqala... washumayela, nokuthi, umbuso... Phendukani: ngokuba umbuso wezulu ususondele.

⁸² Manje, ngifuna ukuthatha indaba, lawomagama amathathu okuqala: *Kusukela Kuleso Sikhathi*. Manje, kukhona bonke lapha abangabuyela emuva esikhathini *esingukuthi-nokuthi*. “Kusukela kuleso sikhathi,” siyasho. Njengomfanyana, intombazanyana, singathi sasenza into *ethize* futhi into *ethize* yenzeka, futhi “kusukela kuleso sikhathi” izinto zashintsha kithi.

⁸³ Futhi besingahamba, kulobubusuku, siyongena edolobheni, lapha, futhi sithole owesifazane owehliswe isithunzi kakhulu nongenasi-milo ohamba ezitaladini zedolobha lakho elincane elithandekayo, lapha esigodini. Futhi ngangiyohlala phansi eduze kwakhe, futhi ngiyothi, “Nenekazi, ngifisa ungixoxele indaba yakho.”

⁸⁴ Futhi ubeyoqala; angahle asho into enjengale: “Mfowethu Branham, kwakunosuku lapho ngangimsulwa njengomnduze. Futhi ngangikwazi ukuphakamisa ikhanda lami phakathi kwabantu besikhundla esidumile; futhi ngangingaya esontweni, futhi ngizizwe ngikahle nje. Kodwa nakho kufika isikhathi ukuthi ngobunye ubusuku ngangiphumile nomfana othize, futhi wangifakela okuthile kwi—iCoke, futhi kusukela kuleso sikhathi...”

⁸⁵ Noma kungahle kube ukuthi enye intombi eyayingesilo ikholwa, eyahlangana naye futhi yamncenga wasuka waya emdansweni othile. Futhi wangena ezingalweni zomunye umfana, futhi kusukela kuleso sikhathi. Kuhlala njalo kumaka kusukela esikhathini.

⁸⁶ Noma ngingahle ngiphume lapha ngingene edolobheni lakini kulobubusuku, futhi ngithole ohlulwa uphuzo omubi kunabo bonke eninaye. Futhi bengiyohlala phansi eceleni kwaleyondoda, encane noma endala, futhi bengiyothi kuyo, “Mngane, bengingathanda ukukubuza okuthize: Uyilahlelani impilo yakho kanje na? Yini ekwenza uphuze futhi wenze ngendlela owenza ngayo na? lapho ubungaba yi—yisisebenzi esikhulu lapha edolobheni. Ubungaba yisisebenzi ebandleni elithize, noma ubungaba ngumyeni wangempela komunye

wesifazane, ubaba kwabanye abantwana;” noma, omunye wesifazane odakiwe obengaba ngu—ngumama wangempela kwabanye abantwana, onomoya omuhle, unkosikazi onothando komunye umyeni.

⁸⁷ Futhi bebeyoqala kanje, futhi bathi, “Awu, kusukela . . . Ngake ngaba ngosekela ukudayiswa kotshwala. Nganginomama nobaba othandekayo owayefundisa ngokumelene nokuphuza. Futhi ngesinye isikhathi ngangena enhlanganyelweni nomfana othize owayethandwa kakhulu ngabantu phakathi kwamantombazane, futhi nga—nga—ngangifuna ukuthandwa ngabantu nami, ngakho ngacabanga ngokujoyina amazinga akhe. Futhi ngaphikisana nokufundisa kukamama wami nobaba. Futhi wangincenga, ‘Kulobubusuku uma ufuna ukuba nesikhathi esimnandi, ufuna ukufaka imimoya ethile kuwe.’ Futhi ngathatha isiphuzo sami sokuqala, futhi kusukela kuleso sikhathi . . .”

⁸⁸ Yileyondlela okuqala ngayo. Lapha esikhathini esithile esedlule eNew York, uDkt. Berg, ungumelusi manje etabernakele likaDadewethu Brown, eBethany Tabernakele, eDolobheni laseNew York, esinye sezikhungo ezindala zePentecostal, esinye sezindala kunazo zonke emhlabeni; ngiqagele abazalwane bethu bazi kahle.

⁸⁹ Futhi lapho, ngenkathi ngiselapho, ngahlangana noSophia, owesifazane owashayo, owesifazane waseSwidi owahamba futhi wasebenza naye endaweni ephahlwe yizakhiwo enomphele. Kwadingeka ngilale ngaphezu kwezinsuku ezimbili ukuba ngithole umjovo we-yelo fiva; ngacabanga ukuthi ngizongena e-Afrika ngaphandle kokuwuthatha, kodwa abangivumelanga ngisho ukuba ngidlule, noma, ngingene ebhanoyini. Futhi kwadingeka ngilinde izinsuku ezimbili ukuba ngiye emayadini eNavy ukuyothatha umjovo we-yelo fiva.

NoMfowethu Berg wathi, “Yini obuyothanda ukuyenza na?”

Ngathi, “Ngingathanda ukuvakashela indawo ephahlwe izakhiwo engaphansi kompheme.”

Wathi, “Kulungile, sizokwehla.” Wathi, “Ngingezimishini eziningana ezansi lapho.”

⁹⁰ Futhi sehla, futhi uma ngi . . . Ngicabanga ukuthi bekuyoba yinto enhle kunoma yimuphi umuntu ukuthatha indodana yakhe ayiyise endaweni ephahlwe izakhiwo engaphansi kompheme futhi ayivumele ibone. Ngicabanga ukuthi uma wake waba seFransi, yisa indodakazi yakho ePigalle; ake ibone ukuthi impilo yomuntu ingaba kanjani.

Ngakho-ke ngenkathi ngehlela e . . . ngasendaweni ephahlwe yizakhiwo engaphansi kompheme, amadoda elele engakwazi ukuzisiza, izimpukane zibhuza ebusweni babo ngobuhlanzo, futhi o, izixhwanguxhwangu zezidakamizwa, abahlulwa uphuzo.

⁹¹ Futhi ngathi, “O, Mfowethu Berg,” ngathi, “mhlawumbe lamadoda lapha yakhuliswa emakhaya a—ayengenandaba ukuthi enzani; adedelwa nje ukuba agijime esitaladini.”

⁹² Wabeka isandla sakhe ehlombe lami, wathi, “Ubungamangala.” Wathi, “Khona emishini lapha esiya kuyo, sikhipe ikhulu namashumi ayisishiyagalombili abafela phakathi lapho ngonyaka odlule. Basuswe esitaladini, bebapha ukudla kanjalonjalo, futhi ekugcineni bafa; alikho ithemba ngabo ngaphandle kukaKristu.”

Bese kuthi-ke, ikhambi, bakude kakhulu ngalokho. Wathi, “Lapha, lendoda lapha.” Wathi, “Ngiyayazi. Yivuse.”

Futhi ngaya ngale kuyo, ngase ngithi, “Mnumzane, ngingakhuluma nawe na?”

Wathi, “Awu, ingahle ingakwazi ukukhuluma.”

⁹³ O, angikwazi nje ukusho isimo indoda eyayikuso. Yayisifike endaweni izingubo zayo kusukela okhalweni kwehle kwakusesimweni esibi kakhulu, kumanzi yonke indawo. Futhi nje yayisesimweni esi—esibi kabi, inuka. Ngase ngithi, “Mnumzane, ngingakhuluma nawe na?”

⁹⁴ NoMfowethu Berg wayinyakazisa. Ngi... Yasukuma. Futhi wathi, “NginguMfowethu Berg.” Awu, yayingazi lutho ngoMfowethu Berg. Yayisalokhu idakiwe.

Futhi ngathi, “Bengingathanda ukukubuza umbuzo.” Ngathi, “Hlobo luni lwekhaya owakhulela kulo na?”

Yathi, “Unganginika imali eyenele yokuphuza na?”

⁹⁵ Ngase ngithi, “Ngingumfundisi weVangeli. Bengingeke nginike umuntu imali yeNkosi ukuba aphuze.” Ngathi, “Ngi... Imali enginayo ivela kubantwana bakaNkulunkulu, futhi isetshenziselwa uMbuso kaNkulunkulu. Ngizokutshela ukuthi ngizokwenzani: Ngizokuthengela isemishi; ngizokuthengela idina lakho noma...uma uzohamba nami. Kodwa bengingathanda nje, njengomfundisi, ukukubuza.”

Yathi, “Uxolo, Mfundisi ohloniphekile.”

Futhi ngathi, “Awu, kwenzeka kanjani ukuba uze ube ngalendlela na?”

Yathi, “Mnumzane, ngiyangabaza ukuthi uzoyikholwa indaba yami.”

“Awu,” ngathi, “ngikuthatha njengomuntu ohloniphekile. Ngi—ngizoyikholwa indaba yakho, ngitshela yona; ngitshela ngokusuka enhliziyweni yakho.”

Futhi yathi, “Mnumzane,” yathi, “ngakhuliswa ekhaya lamaKristu.”

Futhi ngathi, “Bese-ke uwela kulokhu na?”

⁹⁶ Yathi, “Yebo, mnumzane.” Yathi, “Nganginomndeni othandeka kakhulu: abantwana abathathu, abafana ababili nentombazane, nonkosikazi omuhle kunabo bonke owake waphila.” Futhi izinyembezi zayo ezinkulu ziqala ukugeleza ngentshebe yakhe endala, empunga. Yathi, “Ngangingumongameli walelibhange ngapha ekhoneni *elithize*.”

Ngase ngithi, “Ngabe kunjalo na?”

Yathi, “Hamba uye ebhange ubabuze.”

Futhi i . . . Ngathi, “Awu, yini ebangele ukuba wenze lokhu na?”

⁹⁷ Yathi, “Mnumzane, mfundisi ohloniphekile mnumzane,” yathi, “ngokunye ukuhlwa ngafika ekhaya futhi kwakukhona incwadi ethi ‘John Othandekayo’ ibekwe etafuleni. Umkami wayengishiyile.” Yathi, “Futhi a—angizange ngiphuze, futhi kodwa ngacabanga, ‘Kufanele ngenze okuthile, kungenjalo ngizothatha ivolovolo futhi ngiqhumise ubuchopho bami buphume.’ Futhi ngaqala ukuphuza, futhi nakhu la ngikhona.”

Ngacabanga, “Nkulunkulu yiba nomusa.” Niyabo?

E . . . “Kusukela kuleso sikhathi . . .” Yilokho okwakuqalayo. Singahlala njalo sicabanga kusukela esikhathini.

⁹⁸ Bese-ke njengezithandani ezisencane ezishadayo. O, zithandeka ngakho konke. Into yokuqala niyazi, ngangiyoya kulona wesifazane owayeshiye umndeni wakhe, futhi ngiyothi, “Nenekazi, yini ekwenze washiya umndeni wakho na? Ubunomyeni omuhle.”

⁹⁹ “O,” beliyothi kimi, beliyothi, “Mfowethu Branham, ngi—ngi—ngangimsulwa njengamazolo avela ezulwini. Ngashada nomyeni wami futhi ngafika kuye ngingowesifazane oqotho. Futhi wayeyindoda ehlonishwayo; wasebenza futhi wajuluka futhi wanginakekela. Futhi abantwana babeyo, umfana wami omncane oyisidlakela, ngenkathi ezalwa, sengiyambona umyeni manje nomfanayana emhlane wakhe, batetene bekhwela behla kwiphansi. Futhi o, uma kuphela bengingabuya futhi.”

Bengiyothi, “Awu, kwenzekeni na?”

¹⁰⁰ Ubeyosho into enjengale: “Awu, kwakulungile. Futhi ngolunye usuku, umthengisi wangqongqotha emnyango enezinwele ezinhle, ezimagagasi, namehlo amakhulu, ansundu, futhi kusukela kuleso sikhathi . . .” Niyabo? Yileyondlela okuqala ngayo; maka isikhathi. Lokho nje kungukuqala kwakho.

¹⁰¹ Ungacabangi neze ukuthi isono silele esitaladini, njalo sisemseleni; isono sigqokile futhi sisihle. Impela siyakwenza. Bengihlala ngithi, “USathane ugqoka isudu yedina, nesigqoko esiwubhojozi, futhi uphatha ikheyini ngengalo yakhe.” Bhekisisani lowomshini wokugcoba ugrisi ohlakaniphile.

Kunjalo impela. USathane akasiso isiwula, niyazi. U—u—uyakwazi ukugqoka kahle; ukwenza kukhange, niyabo?

¹⁰² Futhi akusuye njalo uCharlie Barleycorn omdala phandle lapho nesigqoko sakhe sehlisiwe; ngesinye isikhathi leyo yinhliziyi eqotho ngempela. Uma ubene—nesiqalo esihle noma okuthize ukumsiza, ubeyohamba kahle; kodwa hhayi njalo. Ngibone izikhathi eziningi, futhi ngihambe ngaya kubantu abamanikiniki njengoba bebengaba njalo; ngiyababuka, futhi nginendlela ngoNkulunkulu ukwazi ukuthi ubani ongithandayo nokuthi ubani ongangithandi. Niyakwazi lokho.

¹⁰³ Ngakho, ukubona indoda yonke ingcolile nayo yonke into; ngingaqoka ukuba nayo ibe nami isikhathi esiningi, kunomuntu ogqoke kahle nowabo, mhlawumbe, ukholo obhekiswe emuva, futhi angimbambathe ngemuva, athi, “O, Mfowethu Branham, singakuwe.” Futhi wazi khona lapho ukuthi uqamba amanga. Niyabo, niyabo? Yilokho-ke. Anginamsebenzi ngomqambimanga. He, ungacashela isela, kodwa ungeke kumqambimanga. Ngakho, lokho—lokho kunjalo.

¹⁰⁴ Kodwa lapho sishaya lezozindawana, “Kusukela kuleso sikhathi. . .” Khona-ke kufika uNyaka oMusha. Nonke niphuma futhi nibhale isinqumo. “Kulobubusuku, nkosikazi, ngizokunika isithembiso. Ngizophenya ikhasi elisha, futhi a—angisophinde ngiphuze.”

¹⁰⁵ Nowesifazane wabhema osikilidi abanengi kakhulu, waze wangabe esakwazi ukuncelisa ingane yakhe, ayinike ushevu wenikotini, uyibulale; futhi uzoyeka ukubhema ngoNyaka oMusha. Isidakwa sizoyeka ukuphuza ngoNyaka oMusha; umuntu onesimilo esibi uzoyeka isimilo sabo esibi ngoNyaka oMusha; nokunye nokunye kanjalo. Wenzani na? Uphenya ikhasi elisha nje ukulibuyisela emuva ngosuku olulandelayo futhi. Niyabo? U. . . Ku. . . Awuqali kahle. Zonke lezizinto zihle; angimelene ngalutho nazo. Kodwa lapho. . .

¹⁰⁶ Njengasempini nje. . . emva kweMpi yokuQala yoMhlaba, abanengi benu madoda aphakathi nendima yempilo, futhi athi awabe ontanga yami, ngicabanga ukuthi ngangineminyaka eyisishiyagalombili noma eyisishiyagalolunye ubudala ngenkathi kuphela impi. Futhi ngiyakhumbula ngenkathi bememezela impi: ngo 1914, ngangiyingane encane engumfana ngihlezi enqoleni yamasondo okhuni. Ubaba wayenesaka likabhontshisi; yilokho esasiphila ngakho, ubhontshisi nesinkwa sommbila: ngisakuthanda. Futhi ngakho, ba. . . UBaba wayekhuluma ngempi, futhi angahle aye empini.

Ngathi, “Uma labobafo bekulandelela, ngizothatha lelisaka likabhontshisi bese ngibashaya ngalo.” Futhi ngakho, manje lokho kungenkathi ngangimncane kakhulu.

¹⁰⁷ Bese kuthi-ke, ngiyakhumbula ukuthi ngenkathi engitholela ipheya lami lokuqala lezicathulo, wa—wathi wayehla, yena

nomama, ukuwalanda. Ngangikade ngingafake zicathulo. Niyazi, abafana abancane ezansi ezintabeni lapho engakhuliswa khona babenalokho enikubiza ngehikhori endala, encane efana nephinifa, noma, iyembe elincane ngenkathi besengumfanyana. Ngaligqoka lelo ngaze ngaba cishe neminyaka eyisithupha ubudala, ngiqagele. Nepheya lami lokuqala lezicathulo, zazinekepisi livundle kuzo, lokho kunalezozimbobo ezincane kuzo.

¹⁰⁸ Futhi ngangihlala njalo, lapho ngithola ucezwana esandleni sami, ngangigijimela kuMama, futhi wayelubangula *kanjalo*. Futhi ngacabanga ukuthi lezozimbobo ezincane ezicathulweni zami kwakulapho ababethatha khona inalithi futhi bazibangule ndawondawo, ngoba uMama wathi wayefanele ehle futhi “angikhiphele” ipheya lezicathulo. Ngicabange ukuthi wakwenza ngenalithi. Ngakho. . .

¹⁰⁹ Kodwa emva kwempi yomhlaba, ngiyawukhumbula umlayezo ophumayo: “Ngeke sisaba nayo impi. Impi isiphelile.” Lokho kwakuyizinhloso ezinhle, babekuhlosile lokho. Kwase kuthi-ke, babumba lokho esikwazi njengeNhlango yeZizwe, bethatha amadoda *amaningi kangaka*, amasosha, esizweni ngasinye, futhi babeyogada umhlaba wonke. Lokho kwakuyizinhloso ezinhle, kodwa akusebenzanga, ngoba kwakungesilo uhlelo lukaNkulunkulu. Manje sinalokho okubizwa nge-UN nokuthi kuyini: behlezi kwi-UN nezibhamu komunye nomunye, cishe impela. Akusoze kwasebenza.

¹¹⁰ Kodwa kukhona okuthize ukuthi, ngesinye isikhathi ningahlangana kusukela esikhathini esithize futhi yonke into iyoguqulwa. Yilapho ohlangana khona noNkulunkulu, futhi kusukela kuleso sikhathi ungumuntu oguqukile. Umuntu angahlangana noNkulunkulu futhi athi, “Kusukela kuleso sikhathi.” Awusoze wafana emva kokuhlangana noJesu Kristu, angikuqinisekise lokho, awusoze, awusoze wafana emva kokuhlangana noJesu. Khona-ke ungabhekisela njalo emuva, “Kusukela kuleso sikhathi.”

¹¹¹ Asixoxisane, kulobubusuku, abanye abantu abahlangane noNkulunkulu. Ake sicabange ngobaba u-Abrahama. Wayengumuntu ojwayelekile nje. Wehla noyise bevela eBabiloni, futhi wahlala esigodini saseShineyari, emzini wase—wase—Uri, izwe lamaKaledi. Wayengelutho olukhethekile; wayengesuye noma yimuphi umuntu ongcwelisiwe. Wayengumuntu ojwayelekile nje njengawe noma nami.

¹¹² Futhi ngoluny’usuku, mhlampe wayengumlimi, phandle emasimini elima, futhi u. . .noma okuthize, futhi ngolunye usuku, wahlangana noNkulunkulu. Akazange abe nokukholwa okungaphezu kwanoma yimuphi omunye umuntu, kodwa ngenkathi ehlangana noNkulunkulu, eneminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala, kwaguqula bonke ubuyena;

ngoba wahlangana noNkulunkulu. UNkulunkulu wamtshela, yena eneminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu ubudala, futhi wayeshade nodadewabo ingxenye, uSarayi; futhi, ngalesosikhathi, wayeneminyaka engamashumi ayisithupha-nanhlanu ubudala. Futhi uNkulunkulu watshela u-Abrahama ukuthi wayezoba nengane ngoSarayi.

¹¹³ Manje, lokho bekungaba. . . Ukuba bekukade kungomune umuntu ubeyohamba enyuke futhi amtshele, abanye babalingani bakhe, futhi wathi, “Abrama, uzoba nengane ngoSarayi, futhi uzozala umntwana ngawe.”

¹¹⁴ U-Abrahama wayeyohleka, futhi abambe izinhlangothi zakhe, wayesethi, “Mina, ikhehla njengami, nomkami cishe iminyaka engamashumi amathathu, noma, iminyaka engamashumi amabili esedlule ukuya esikhathini na? Futhi ngihlale naye kusukela eneminyaka eyishumi nesikhombisa ubudala; uyinyumba, futhi mina angizali. Futhi singake size sibe nengane kanjani, futhi mina nginamashumi ayisikhombisa-nanhlanu naye enamashumi ayisithupha-nanhlanu na?” Wayeyohleka ebusweni bomngane wakhe.

Kodwa wahlangana noNkulunkulu. Futhi kusukela kuleso sikhathi, wabiza noma yini ephambene nakho ngokungathi kwakungesikho. Amen. Wayehlangane noNkulunkulu.

¹¹⁵ Uma umuntu ogulayo engake aze ahlangeane noNkulunkulu, akunandaba ukuthi uhlala ukhubazekile kangakanani, uhlala ugula kangakanani, ukuthi uhlala uphuphuthেকে kanjani, uhlangeana noNkulunkulu, kukhona okuzika kuwe, futhi awusaziboni lezi zimo. Ubuka lokho uNkulunkulu akushilo. UNkulunkulu ubengake athi. . . thola indlela wehla ngeminako yokuphila ungene enhliziyweni yakho, futhi ugxilise ukukholwa lapho, akukho lutho ezweni oluzoke lukunyakazise kukho. Lapho umuntu ehlangane noNkulunkulu, kusukela kuleso sikhathi kuqhubeka, ungumuntu oququkile.

¹¹⁶ U-Abrahama oneminyaka eyikhulu ubudala waye, futhi wayesalokhu ebiza noma yini ephambene nakho ngokungathi yayingenjalo. Ubufakazi obubonakalayo baba bukhulu futhi bukhulu, bunqwabelana kuye; uSara wayenamashumi ayisishiyagalolunye yena enekhulu. Wayesalokhu enika uNkulunkulu udumo, eqinile, engangabazi ngokungakholwa, kodwa wayenikeza udumo kuNkulunkulu nsuku zonke ukuthi wayezoba nengane. Ngani na? UNkulunkulu wayehlangane naye; uNkulunkulu wayenomusa. UNkulunkulu waqinisa isivumelwano kuye.

¹¹⁷ Besingaba naso isikhathi sokuthatha lokho kuqiniswa, isahluko se 16 sikaGenesisi na? Noma besingathatha futhi, ngale kwesahluko 17 na? ngenkathi Ehlangeana naye eGameni likaNkulunkulu uSomandla, okusho ukuthi *El Shaddai*, kusho i—igama lesiHeberu, “ibebe lowesifazane,” *El Shaddai*:

“Onamandla, o—oWenelisayo, uMondli,” ngenkathi indoda endala, eneminyaka eyikhulu ubudala, noNkulunkulu wahlangana nayo, wayesethi, “Ngingu El Shaddai.”

¹¹⁸ Manje, *shad* kusho “ibele lowesifazane” kodwa elithi *shaddai* lisho “onamabele,” ubuningi. Manje, Akasuye uNkulunkulu we “bele” kuphela, kodwa UnguNkulunkulu “onamabele”: “Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu; ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina.” Uma udinga insindiso, bambelela futhi uncele kulelobele likaNkulunkulu, iZwi laKhe, isithembiso saKhe. Uyoza uzilethe wena uqobo usuka kuleyo misele edalwe amasondo yesono nokuziphatha okubi, uye komesabayo uNkulunkulu, umuntu ongwelisiwe. Uma ugula, “ngemivimbo yaKhe siphilisiwe thina.” Vele ubambe esinye isithembiso sikaNkulunkulu futhi uncele.

¹¹⁹ Ifanele yenzeni ingane na? Ingane...Siyizingane zikaNkulunkulu. Ngifuna nikuthole lokhu, dade, nina nonke lapho. Siyizingane zikaNkulunkulu. Futhi yenzani ingane lapho igula futhi itetema na? Itetema ngempela futhi iyagula. Manje, into kuphela efanele iyenze, into kuphela eyoyithulisa, ngukuba umama ayiqukule, ayibambe esifubeni sakhe, ayincelise. Manje, umama wenzani na? Umama ukhiqiza ubisi, nengane (encelisa ingane) incela amandla avela kumama eya enganeni. Khona-ke ingane iqiniswa ngamandla kamama. Futhi lapho sibamba isithembiso sikaNkulunkulu enhliziyweni yethu, sincela amandla kaNkulunkulu, Onamandla. Siyancela, njalonzalo.

¹²⁰ Futhi cabanga ngengane encane ilele kunina...isifuba sikanina, iyo...iyeka ukutetema kwayo. Ithi nje ingabamba ibele likanina, iyayeka ukutetema. Ayisatetemi; yenlisekile. Iyeka ukutetema kwayo. Khona-ke lapho sibamba isithembiso sikaNkulunkulu, lapho uNkulunkulu esembula kithi: “NgiyiNkosi Ephilisa zonke izifo zenu. Noma ubani othandayo, makeze.” Ngiligcinile ithemba laKhe, khona-ke ngenlisekile, njengoba ngincela amandla ami abuye futhi kuJehova, uNkulunkulu uSomandla, uMnikezeli-mandla.

¹²¹ Yeka isikhuthazo endodeni endala, eneminyaka eyikhulu ubudala, esifana nefile, nezizalo zikaSara, sezivele zivalekile ngenkathi ezalwa engazali. Futhi u—umlayezo onje pho: “NginguMuphi-mandla akho; Ngingu-El Shaddai. Uneminyaka eyikhulu ubudala, kodwa uyingane nje kiMi. Lala phezulu lapha ezingalweni zaMi, futhi ubambe isithembiso saMi; futhi nje ungaboni lutho olunye ngaphandle kwesithembiso. Manje-ke ungenzani na? Njengoba ubuhwanqa buguga, lapho izinwele ziba mpunga, usengancela futhi wenliseke ukuthi Ngizoligcina iZwi laMi.”

¹²² Udokotela angathi, “Uya ngokuba mubi futhi uba mubi.” Lokho akunakho nokukodwa ukufiphala kuwe. Usancela i—

ibele lika El Shaddai. “Nkulunkulu, Ukhulume enhliziyweni yami; Unginika isithembiso. Bonke odeveli abavela esihogweni abakwazi ukukususa kimi. Ngenelisekile ngizophila. Ngincela ku-El Shaddai.” Amen.

Ngiyakutshela, mfowethu, lokho kukhipha ithambo lesifuba bese kubeka ithambo lomgogodla phakathi lapho, impela kuyakwenza, lapho ubamba uNkulunkulu.

¹²³ Ngenkathi u-Abrahama, ngenkathi Eqinisa isifungo, niyaqaphela Wathi, “Ngithathele imv-...inqa-...imvu, inqama; Ngiphe inqama, futhi uphinde uNgiphe isithokazi seminyaka emithathu. Futhi uthathe lezi...” Futhi wazihlukanisa zaba uhhafu, wazibeka eceleni. Wathi, “Ngithathele ihobhe nephuphu lejuba.”

Kodwa niqaphelile yini . . . ? Ngifisa sengathi besinesikhathi sokungena kukho. Ngibheka lelowashi lasodongweni. Futhi ngi, angifuni ukusuka endabeni yami, kodwa u-Abrahama wathatha . . .

Wathi, “Thatha okubili, noma, ihobhe nejuba.”

¹²⁴ Manje, ihobhe lalhlala njalo, limele, noma, lalingukuhlawulela ngokugula. Niyabo, amajuba awahlukaniswanga; okunye kwahlukaniswa, ngoba i—isivumelwano neVangeli kwaguqulwa kusuka emthethweni kuya emseni, kodwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu bekuhlala njalo kufana. Ukwelapha uchoko, bathatha ijuba elifuywayo, noma, ijuba, base benquma ikhanda lalo, base bethela igazi phezu kwelinye, futhi kwaphumela ukuhlanzwa kochoko, ukufafaza, kumemeza, “Ingewe.”

¹²⁵ Manje, qaphelani kulokhu, amajuba awahlukaniswanga. Manje, qaphelani lesi sifanekiso. O, he. Ngethemba ukuthi niyakuthola lokhu. E...Lapho lithola...U-Abrahama wabhekisisa zonke izinyoni zisuka kulo, izinyoni zezulu, kwaze kwa...ilanga liqala ukushona. Futhi lapho ilanga selishonile, kuchaza ukuthi isikhathi asisayikubabikho. Khona-ke ubuthongo obunzima behlela phezu kuka-Abrahama, njengoba kwenza wonke umuntu ofayo ozalwa emhlabeni: Singena ebuthongweni bokufa. Awufi; uyahamba nje, uvele ushinshe izindawo zakho zokuhlala.

¹²⁶ Manje, ubuthongo obukhulu behlela phezu kuka-Abrahama, futhi wabuka, futhi phambi kwakhe kwahamba i—isithando somlilo esishunqayo. Sonke isoni esifayo, nawo wonke umuntu ozalwa kulelizwe, uza ngokuzalwa ngokocansi, ungaphansi kokufa. Sonke sonile futhi sisilalelwe yinkazimulo kaNkulunkulu, nawo wonke umuntu uzalwa kulelizwe, eyisoni. Angikhathali ukuthi abazali bakho babengewele kanjani, ufika kulelizwe ngendlela efanayo isoni kumbe noma ubani omunye afika ngayo. Thina si . . . Unesono. “Sizalelwa esonweni,

sabunjwa ebumini, sifika ezweni sikhuluma amanga,” kusho iZwi. U—u—uyabhaxabulwa kwasekuqaleni nje.

¹²⁷ Bese kuthi-ke, wonke umuntu ofayo, isihogo yindawo yakhe yokuphumula. Yilokho kuphela ukuphumula akutholayo; okufika phambi kuka-Abrahama. Qaphelani, bese kuthi-ke ngaleya kwalokho, emva kokufa kufika isihogo, kodwa ngaleya kwesihogo kufika ukuKhanya okuncane okumhlophe. O, he. Malibongwe iGama leNkosi. Lokho kuKhanya okuncane okumhlophe kwedlula phansi naphakathi kwaleyomihlatshelo.

Wathi, “Uyabo, Abrahama, lokho engizokwenza?” Wayeqinisa isivumelwano no-Abrahama. Manje, mhlawumbe ngizokuchaza lokho ngokushesha.

¹²⁸ Manje namhlanje, thina maMelika, senza kanjani lapho siqinisa isivumelwano na? Sizokwenza isivumelwano sebhezini, into yokuqala niyazi, ngizokwelula isandla bese ngibamba isandla somfo, ngithi, “Sixhawule.” Yileyondlela esenza ngayo isivumelwano: “Nyakazisa. Xhawula. Sikuqinisekile; kunjalo; sizovumelana phezu kwalokho.” Leso yisivumelwano.

¹²⁹ Manje, eJapani, niyazi ukuthi basenza kanjani isivumelwano lapho na? Bayakuxoxisana, bese-ke bethola isoso elincane eligcwele usawoti, bese bephosa usawoti phezu komunye nomunye. Leso yisivumelwano eJapani.

¹³⁰ Kodwa ngezinsuku zika-Abrahama emazweni aseMpumalanga, indlela ababenza ngayo isivumelwano kwakungukuthatha isilwane, njengemvu noma into ethize, futhi bakubulale futhi bakunqume; futhi ngamunye wangena phakathi kwaleziziqephu ezimbili zesilo. Manje, niyabona ukuthi ukuKhanya okuncane okumhlophe kwakwenzani na? Base beloba lesisivumelwano: “Ngiyavuma ukwenza ukuthi-nokuthi, nokuthi-nokuthi.”

¹³¹ Manje, ngenkathi bebambe lesisivumelwano phakathi kwabo bathi, “Uma sephula lesisivumelwano—uma sephula lesisivumelwano, imizimba yethu mayibe njengalesisilwane esifile esisithathayo.” Base-ke bethatha isivumelwano, futhi basidabula *kanjalo*; oyedwa, ethatha isiqephu esisodwa, nomunye, esinye. Zazingasoze zaphindeka kabili.

¹³² Awusoze waphinda kabili lesosiqephu sephepha, akunandaba ukuthi wenzani. Kuzofanele kubuye ngqo futhi kuhambisane, izingcezu zohlamvu oludatshulwe phakathi. Ubungeke neze ukwazi ukukwenza. Omunye, uphatha olulodwa, nomunye, olunye. Futhi lapho lesisivumelwano siqiniswa futhi salethwa, isifungo siyaqiniswa, khona-ke babuyisela lezingcezu ezimbili ndawonye, futhi bameshana isiqephu ngesiqephu.

¹³³ Manje, kwakuyini isivumelwano saseMpumalanga uNkulunkulu ayesinika u-Abrahama na? Ukuthi ngenzalo ka-

Abrahama kuyofika iNkosi uJesu, Obusisiweyo. UNkulunkulu waMenyusela eKalvari wase EMdabula, Wehlukanisa uMphefumulo waKhe emzimbeni waKhe. Nomzimba waKhe, uNkulunkulu wavuka ngosuku lwesithathu, futhi wase ephakama wayesehlala ngakwesokunene saKhe. Futhi ngosuku lwePhentekoste, Wathumela phansi uMoya owawukuJesu Kristu, isiVumelwano neBandla.

¹³⁴ Futhi lapho iBandla lihlangu ndawonye ekuvukeni, uMoya ofanayo, wawukuJesu Kristu, owadatshulwa wakhishwa kuYe, uzofanele ube seBandleni. Ungeke wakopisha noma yini njengaWo; ungeke wenza lutho lwehlukile kuWo. Kuzofanele kube nguMoya oNgcwele ofanayo owahlala kuKristu. Futhi nxa kufika uhlwitho, nxa lowoMzimba ufika, uMlobokazi waKhe owadatshulwa kuYe, noma, uMoya oNgcwele uzoletsa lowoMlobokazi nje impela ukuhlangu okwesisila sejuba kungene ngqo eMzimbeni kaJesu Kristu.

¹³⁵ Futhi ningabona kusukela ezinsukwini zikaLuther, kuya kuWesley, kuya ePhentekoste, futhi manje esikhathini sokuphela, ukuthi lowoMoya ulolongeka kanjani na? Izibonakaliso ezifanayo nezimanga Azenza emhlabeni ziyenziwa eBandleni namhlanje. Yilesosivumelwano uNkulunkulu asenza no-Abrahama, futhi singabantwana baka-Abrahama. “Sifile kuKristu, sithatha inzalo ka-Abrahama futhi siyizindlalifa ngokwesithembiso.” Kusukela kuleso sikhathi, iBandla laba nesivumelwano. Yebo, kwakwehlukile.

¹³⁶ Manje, ngenkathi uMose, umprofethi obalekayo emuva kwingemuva logwadule...Lowomuntu wazalelwa ukuba abe ngumprofethi. Futhi wayeyindoda enkulu; wafundela impumelelo yezempi. Kodwa wazama ukusebenza lokho ngakho konke ukuhlakanipha kwakhe. Ngani, wayekhaliphe kakhulu, wayengafundisa labothisha baseGibhithe. Wayeyindoda ekhaliphile. Manje, emuva kwingemuva logwadule, ukuba-ke wayethe, “Ngehlulekile, ngakho abantu bami basesebugqilini. Mhlampe kungcono ngitadithe kancanyana kwizibalo zami, noma ngesu lami lesu lempi, noma enye into ethize. Ngizokwehla, ngithathe eminye iminyaka emibili yesikole, futhi mhlawumbe ngizokwazi ukukhulula abantu bakithi.”

¹³⁷ Lobo ngubuhlakani bakhe impela nje benza lokho njengoba bekungaba njalo ukuthumela indoda ukuba ifunde ukuba ngumshumayeli. UNkulunkulu ubiza umuntu uma engawazi ubhontshisi ekhofini elihlukanisiwe. Kwenza mehluko muni na? Inqobo nje uma emazi uKristu, leyo yinto enkulu, uma eke wahlangana naYe.

¹³⁸ Ngingaqoka ukuba nomuntu nomunye wabantwana bami phandle ngaley a e—ensimini yehlashana le-sage, ndawondawo ezansi ngasesiqwini esidala, owayengabazi ngisho o-ABC bakhe noma azi ukuthi kwakuyisiphi isandla sokudla noma

sokunxele, uma emazi uJesu Kristu, ngingathanda ukuba naye eceleni komntwana wami, ngaphambi kokuba noma yimuphi uprofesa owazi inqwaba yesayense yezenkolo, futhi akazi lutho ngoNkulunkulu kunoma unogwaja wazi ngezicathulo zaseqhweni. Ngingathanda. . .

¹³⁹ Ngiyakutshela, mfowethu, esikudingayo namhlanje ngukubuyela eBhayibhelini nokubhaphathiza okuyifeshini endala kukaMoya oNgcwele kubuyele ebandleni, nokuningi kakhulu kwalokhu okunye izinto okusikayo.

¹⁴⁰ Angizami ukwesekela ukungazi. Ngiqonde ukuthi, uma unemfundo kanye nalokho, amen. Kodwa isivumelwano semfundo sizowa ngolunye lwalezizinsuku, kodwa isivumelwano noNkulunkulu sizohlala inguna phakade, nenguna phakade, nenguna phakade. Kuyiqhubeka iminyaka engenakubalwa kuyongena ePhakadeni.

¹⁴¹ Manje, uMose, wayengadingi ukuba apholishe lutho; into kuphela ayeyenzile ukuhlangana noNkulunkulu. Futhi ngolunye usuku, uNkulunkulu uyehla wayesethola isihlahla phandle lapho, wayesethi, “Woza ngapha, Mose. Ngifuna ukukhuluma nawe.” Niyazi, kuyinto ethize exakile mayelana, uMose wayengathi, “Kusukela kuleso sikhathi, kukhona okwenzekayo.”

¹⁴² Mbukeni. Wayezinze emuva phakathi emva kwentaba, ngaphansi kwesinabelo sentaba. Futhi ngenkathi enza, washada owesifazane omuhle ongumTopiya, futhi wayemuhle; futhi wayekade enendodana encane, egama linguGereshomu. Futhi o, wayephila kahle nje. Wayeshade nompristi—umpristi wakwaMidiyani, indodakazi kaJethro, uZipora, futhi babehamba kahle, wayenomndeni omncane othandekayo, wayenenqwaba yezimvu. Futhi wayehamba kahle nje, ngakho wadedela abantu baqhubeka.

Kodwa ngenkathi uNkulunkulu ehlangana naye, Wanguqula. Mbukeni lapho, lomelusi omkhulu wezimvu emuva lapho, kodwa ukusa. . .

¹⁴³ Niyazi, ezinye izinto. . . Into eyodwa ngakho, lapho umuntu ehlangana noNkulunkulu, ungakusho njalo. Uzokwenza izinto eziwubuwula kunakho konke kulokho ayevame ukukwenza. Bukani uMose. Manje, uMose, ngokusa okulandelayo emva kokuba wayehlangane noNkulunkulu kulesisihlahla esivuthayo noNkulunkulu wamtshela ukuba ehlele eGibhithe. . .

Wathi, “Kuqala, ngikhombise inkazimulo yaKho.” Futhi Wamkhombisa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, ukuthi Wayengasiphulukisa kanjani isandla sakhe esinochoko.

¹⁴⁴ Futhi wayehlela eGibhithe. Manje bukani, ngokusa okulandelayo, nangu wayesindleleni yakhe ebheke ezansi. Manje, wayeneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala. Niyazi, kwamthatha iminyaka engamashumi

amane esayenseni yesikole sezenkolo ingene kuye; kuthathe uNkulunkulu iminyaka engamashumi amane ukuyishaya iphume kuye. Kunjalo, ukukhipha kuye lokho izwe elalikufake kuye. Kodwa uNkulunkulu angakwenzela khona emizuzwaneni engamashumi amane, uma nje uzoMvumela akwenze. Kodwa-ke. . .

¹⁴⁵ Manje, wayelapha ngokusa okulandelayo. Ngolunye usuku isifundiswa esiphucukile, konke ukuhlakanipha kwabaseGibhithe, futhi ngokusa okulandelayo, buka lesisifundiswa. Unomkakhe ehlezi egxamalezele umnyuzi; unaloyo omncane enqulwini yakhe. Futhi lapha unenkulu, ende, isethi yentshebe *kanje*, ikhanda lakhe elinempandla licwebezela, induku esandleni sakhe, ehla, eqhuga, “Udumo, udumo.”

“Uyaphi, Mose na?”

“Utheni wena na? Hhe?”

“Uyaphi na?”

¹⁴⁶ “Ngehlela eGibhithe ukuyolidla”: ukuhlaselela kwendoda eyodwa. Kodwa ukwenzile. Wakwenza. Kungani na? Wahlangana noNkulunkulu. Futhi lapho izinkathazo ziba nzima, ne—ne. . .yonke into ihamba kabi, wakhumbula ukuthi wayehlangane noNkulunkulu kulesosihlahla esivuthayo. Lokho kwakuvutha enhliziyweni yakhe, akunandaba ukuthi abaseGibhithe babebabi kangakanani, nokuthi babengabadedeli kangakanani abantwana bahambe, kukangaki beklabalasa ogwadule, futhi bathi, “Besingathanda kuNkulunkulu. . .” futhi befuna ukumkhanda ngamatshe, futhi, “Sifuna izimbiza zenyama zaseGibhithe.” Lokho akuzange kumkhathaze nakancane. Waphikelela ngasezweni lesithembiso, ngokuba wayehlangane noNkulunkulu esihlahleni esivuthayo. Yebo, mnumzane.

¹⁴⁷ Kwakuyintombi encane uMariya, intombazanyana ejwayelekile nje, edolobheni eliphansi kunaleli. Kodwa wayesalokhu engabhemi noma aphuze; wayeyintombi. Futhi yena, ngolunye usuku, wayesendleleni yakhe ne, mhlawumbe, ibhakede elincane ekhwapheni lakhe, ehlela emthonjeni womphakathi ukuyokha—ukukha amanzi, ukuhlinzekwa kwamanzi kwansuku zonke.

¹⁴⁸ Ake simcabange nje ehamba eceleni komgwaqo, ehamba, ekhuluma, noma, eziculela yena, mhlawumbe elinye ihubo elihle: “INkosi inguMelusi wami; Angiyikuswela. Iyangilalisa emadlelweni aluhlaza; Ibuyisa umphefumulo wami.”

¹⁴⁹ [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . .imbiza kwakuyiyo ngalezozinsuku, esikhundleni sebhakede. Futhi khona manjalo iNsika yoMlilo enkulu yehla phambi kwakhe. Kulowomlilo kwaphuma uGabriyeli, iNgelosi enkulu, yathi, “Yethi, Mariya.” (Lokho kusho ukuthi, “yima; awume kancane.”) “Yima, Mariya.

Ubusisiwe wena phakathi kwabesifazane. Ufumene umusa kuNkulunkulu, futhi uzoba neNgane, ungazi-ndoda.”

Wathi, “Kuzoba kanjani lokhu na?”

Wathi, “UMoya oNgcwele uzokusibekela. NaleyoNto engcwele ezozalwa nguwe izakuthiwa iNdodana kaNkulunkulu.” Amen.

¹⁵⁰ Kusukela kuleso sikhathi kuqhubeke, uMariya wayengowesifazane ohlukile. Leyontombi encane enamahloni yayihambahamba ndawo zonke ifakaza, “Ngizoba neNgane, ngingazi ndoda.”

¹⁵¹ Akalindanga waze waqiniseka; akalindanga waze wezwa ukuphila; akalindanga lutho olubonakalayo. Izwi leNgelosi lalimenele. Wayehlangane noNkulunkulu. Manje, lokho . . . Uma ubungenza lokho manje, ukuba besinoMariya abaningi lapha kulobubusuku, ukuba besinoMariya ongazange, “Ngilinde ngize ngibone uma ngingcono kancanyana, ngaphambi kokuba ngisho noma yini.” Ngaphambi kokuba ezwe noma yini, kumbe noma yini enye, wavele nje wathatha uNkulunkulu eZwini laKhe wayeseqala ukuMdumisa ngakho. O, he. Asimlandele imizuzu embalwa. Ake simbone masinya impela.

Wayeno—umzala ogama lingu-Elizabethhe. No-Elizabethhe . . . INgelosi yamtshela, yathi, “Umzala wakho, omdala ka-Elizabethhe . . .”

¹⁵² UZakariya wayengumpristi, wahlangana naye ethempelini, emi ngakwesokunene se-altare, futhi wamtshela ukuthi wayezoba nendodana ngo-Elizabethhe. Futhi wayezokhulelwa emva kwezinsuku zezinkonzo zakhe lapho ethempelini. Futhi yena . . .

¹⁵³ Ngani, wangabaza. Lokho . . . cabanga nje-ke, lowompristi omdala wayenenqwaba yezibonelo: njengoHana ethempelini; no—noSara, sisanda kukhuluma ngaye; abadala futhi benezingane. Wathi, “O, lokhu ngeke kwenzeka. Umkami usemdala kakhulu.”

Wathi, “NginguGabriyeli ovela kuNkulunkulu. Uyoba yisimungulu kuze kube lusuku ingane ezalwa ngalo. Uzoyibiza ngo ‘Johane.’”

¹⁵⁴ Futhi wayeyisimungulu. Futhi wenyukela lapho kumkakhe. Wakhulelwa, futhi wa . . . kwaba yizinyanga eziyisithupha kuye kungekho kuphila enganeni, futhi wayekhathazeke kakhulu.

Ngakho uMariya wayezwile ngalokhu. Ngakho ngibona izihlathi zakhe ezincane zibomvu nje; wayehamba, ejabule nje ngakho konke; akukho muzwa okwamanje.

UJesu akazange athi, “Ukuzwile na?” Wathi, “Ukukholiwe na?” Ufuna ukukukholwa, isikhathi okholwa ngaso.

¹⁵⁵ “Wabonakala uyigugu kangakanani lowomusa, ngehora engaqala ukuzwa ngalo”: lokho akuzwakali kahle, akunjalo na? “Thora engaqala ukukholwa ngalo; ngenkathi ngikholwa nguNkulunkulu.” Lakwenza kunjalo-ke, okuyigugu. O, uNkulunkulu enza ukubonakala kwaKhe ubusuku nobusuku emihlanganweni futhi ekhombisa izibonakaliso ezinkulu nezimanga; o, bekufanele nje kushukumise izinhliziyiyo zethu. Impela. “Kuyigugu kangakanani lokho kukholwa kwabonakala, umusa, ihora engakholwa ngalo.”

¹⁵⁶ Nakhu wahamba uMariya, izihlathi zakhe ezincane zibomvana nje, amehlo akhe amancane ecwebezela nje, ekhanya, wazibhincisa ubuyena obuncane, futhi washo wenyukela phezu kwamagquma aseJudiya, phezulu lapho kwakuhlala khona umzala wakhe—wakhe. Futhi ngiyambona uSara. . .

¹⁵⁷ Ngibona abesifazane phandle esitaladini. . . Bedla idina namhlanje, benginga—nginga. . . Babeyongiphonsa ngaphandle kwesitolo othenga udlele kuso ukuba ngangingafulathelanga. Owesifazane ungena lapho (ukuba abe ngumama noma ngasiphi isikhathi) egqoke lezi zikhindi ezindala, into enkulukazi endala, o, nokubhema usikilidi; nodokotela uthi kungenye yezinto ezibulala ukwedlula zonke. Lalela, mfowethu, lokho ngukucekela phansi. Impela kunjalo. Nesexwayiso sodokotela ukuthi umdlavuzo womphimbo namaphaphu; futhi ebhema lokho ngqo kwehlele kuleyongane phakathi lapho. Kodwa lapho. . .

¹⁵⁸ Kodwa abesifazane wayehlukile ngalezozinsuku. Wangena futhi wazifihla, waqhela emehlweni abantu, futhi wangena futhi wazifihla. Futhi wayephakathi lapho i—izinyanga eziyisithupha; uJohn omncane wayengakaze anyakaze; wabunjwa esizalweni sikanina; siyazi ukuthi lokho kungaphansi kokweywayelekile ngakho konke.

¹⁵⁹ Ngakho ngahle ukuba waphakamisa ifasitela wayeselunguza *kanje*, ikhethini, futhi wabona owesifazane omuhle eza, cishe eneminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala. Waphinda wabheka.

“O,” wathi, “lowo nguMariya; o, he.” Futhi wathatha itshali lakhe elincane walijikijela lamzungeza, wagijimela phandle lapho ngokukhulu ukushesha.

¹⁶⁰ Nendoda yakhe yayiyisimungulu ngalesosikhathi; yayingakwazi ukukhuluma. Wagijima waphuma wase ethatha lokhu. . . wathatha itshali elincane futhi wazisonga ngalo, wagijima waphuma. Wayehlezi emuva lapho, enitha amabhuzu amancane nezinto, niyazi, ezilungiselela, niyazi, ingubo yokulala encane, umthungo omncane. Futhi ngakho wagijima waphuma, futhi wathi, “O, Mariya.”

Ngalezozinsuku, niyazi, babegonana; babethandana. Ezinsukwini zamanje, awusakutholi. Niyabo?

¹⁶¹ Ngangisenkabeni yedolobha. (Umkami akekho lapha kulobubusuku. Ngikuxoxile naye elapha.) Awu, ngehlela enkabeni yedolobha, lapha esikhathini esingaside esedlule, nomunye udade wathi, “Halo, Dadewethu Branham.”

Ngathi, “Awukhulumanga naye.”

Wathi, “Yebo, ngikhulumile.”

“Awu,” ngathi, “ukuzwe kanjani laphaya esitaladini, futhi ngihlezi eduze kwakho ngqo futhi angizwanga na?”

“O,” wathi, “ngimamathekile.”

Ngathi, “Ukusineka okungathi shu okuncane okudala, lokho akulutho. Bakithi, kungani ungakhulumanga nodade na?”

¹⁶² Ngiyakuzonda ukubona leyonto. Esikhathini esithize esedlule, ngangisezansi eFlorida, futhi kwakukhona i—i...Sasinomhlangano phandle lapho ohlobweni oluthize lwenkundla okungeyendlovukazi. Futhi bathi...Enye yezimenenja iyenyuka yayisithi, “Indlovukazi ifuna ukukubona.”

“Awu,” ngathi, “ingubani yona na?”

Futhi yathi, “Ngani, i—ingowesifazane omkhulu lapha. Uyindlovukazi.”

Ngathi, “Awu, ungowesifazane nje, akasuye na?”

Yathi, “Yebo.”

¹⁶³ Awu, ngathi, “Awu manje, uma uzonginika isikhathi sokukhulumanga naye, kuthiwani ngabanye balababantu abagulayo phandle lapha abakudinga kakhulu na?” Niyabo? Futhi ngathi, “Kuthiwani ngesinye sesikhathi sabo na?” Niyabo?

“O,” yathi, “kodwa u—uzo...Ngizoba naye ngemuva emsamo.”

¹⁶⁴ Ngase ngisuka ngihamba. Wayemi lapho nepheya lezibuko esandleni sakhe endukwini, ebambelele *kanjalo*. Manje, noma ubani onomqondo uyazi ukuthi ubungeke ubone nge—ngezibuko zibambelele *kanjalo*, niyabo. Owesifazane omkhulukazi nobucwebe obenele esihlakaleni sakhe ukuthumela isithunywa senkolo emhlabeni jikelele kahlanu. Yebo, mnumzane. Bambelela... .

Futhi wathi, “Ngabe unguDokotela Branham na?”

Ngathi, “Qhabo, mem; qha.” Ngathi, “NginguMfowethu Branham.”

“O,” wathi, “ngithathekile.” Futhi waphakamisa lesosandla esikhulu *kanje*.

¹⁶⁵ Manje, ngingathanda lokho, ngafinyelela phezulu ngase ngimbamba ngesandla esikhulu esikhuluphele ngase ngisidonsela phansi. Ngathi, “Ngiyajabula ukukwazi.” Ngathi,

“Silengise phansi lapha ukuze ngizokwazi ngokuzayo uma ngikubona.” Niyabo?

¹⁶⁶ Kunjalo. Ngithanda okuhle, okuyifeshini endala, ukuxhawula ngokuqinisa. Ngi—ngi—ngithanda abantu ukuba babe yilokho abayikho. Yeka ukufaka inqwaba yale “nja yaseMelika” njengoba sikubiza kunjalo. SingamaKristu. Asiphile njengamaKristu futhi sibe ngabesilisa nabesifazane, amasosha esiphambano. Konke lokhu lapha umbhedo; ukusineka okuncane. Hhe, ngiyakuthanda lokho kuxhawulana okuhle okudala, lapho osizwa khona.

¹⁶⁷ UPaul Rader washo ngesinye isikhathi, wayeshiye umkakhe ehlezi nje etafuleni, futhi baba nempikiswano encane ngendawo ethize ayefuna ukumyisa kuyo. UPaul Rader omkhulu, niyazi, naye engumngane wami olungileyo, futhi wayethe wa—wathi ukuthukuthela, ngakho wa—waya emnyango, futhi umkakhe wayeyohlala alinde lapho futhi amangane amvalelise. Futhi wayephuma ngezitebhisi, futhi aphume aye ekupheleni kwe. . . bese emvayizelisa emuva kunjalo, futhi aqhubekele emsebenzini.

¹⁶⁸ Bathi babekade beqophisana kancane etafuleni ngento ethize. Futhi wama emnyango, wathi yena wathi, “*mncwa* Usale kahle.”

Wathi, “Uhambe kahle.”

Waqhubeka waphuma futhi waphumela lapho futhi waphenduka esangweni, wavayiselisa emuva, futhi wathi wayemi emnyango, ekhala. Wathi, “Usale kahle.”

Naye wathi, “Uhambe kahle.”

¹⁶⁹ Wehla ngesitaladi futhi wathi kuqala ukusebenza enhliziyweni yakhe, uMoya oNgcwele wambamba, niyazi, waqala ukubenza enhliziyweni yakhe. Futhi wathi, “O, ukuba-ke ubeyofa ngenkathi ngisahambile na? Ukuba-ke ubeyowa afe na? Ukuba-ke bengiyofa na? Ukuba-ke bencingathola ukushayiswa esitaladini lapha eFort Wayne ngaphambi kokuba ngike ngize ngibuye na? Bengingenzani na?” Kanjalo, ekhuluma ngakho kunjalo. O, he. Wathi, wathi, “O, ngathola ukulahlwa icala kakhulu; angazanga ukuthi ngenzeni.” Wathi, “Ngagijima ngabuyela emuva ngokukhulu ukushesha, ngadluthula isango, ngase ngigijima ngangena, ngase ngiphusha umnyango wavuleka, wayesethi. . . ngaqalaza ngase ngithi, ‘Helen, ukuphi na? Ukuphi na?’”

¹⁷⁰ Wathi, “Ngezwa ukuthi ‘*Mfi, mfi,*’” Wathi, “Wayemi emva komnyango.” Wathi, “Ngambuka kunjalo.” Wathi, “Angizange ngithi vu.” Wathi, “Ngavele nje ngafinyelela ngale ngase ngidumela izingalo zami, ngase ngimanga. Ngase ngithi, ‘*mncwa* Usale kahle.’ Wathi, ‘Uhambe kahle.’”

¹⁷¹ Ngakho wagijima waphumela ngaphandle kwesango wayesephenduka, wabheka emuva. Futhi wathi, “Wayemi e,

emnyango, ngase ngithi, ‘Usale kahle,’ futhi wathi, ‘Uhambe kahle.’” Wathi, “Wavayizelisa njengoba enza okokuqala, kodwa okwesibili waba nomuzwa kukho.” Ngakho kukanjalo nje. . .

¹⁷² Lokho kuthi akube yindlela yokukhonza iNkosi, niyazi. Ufanele ufake inhliziyoyakho kukho; ufanele ube qotho. Ufanele uhlangane noNkulunkulu, hhayi ukuya esontweni futhi wenze okuthile okubandayo, ukuvuma izono kwamehlo omile; yehlela lapho futhi uhlale ezansi lapho.

¹⁷³ Ngakhuliswa ebandleni lamaBaptisti; niyakwazi lokho. Futhi sasingsiyo iBaptisti njengani nonke maBaptisti lapha: Nihambe nikhuphuke futhi nixhawulane, futhi uthathe isandla sokudla senhlanganyelo, futhi ufake igama lakho encwadini, bese uyabhaphathizwa. Sehlela e-altare bese sishayana emhlane size sidlule; sinento ethize, mfowethu. Ngiquonde ukuthi, nidinga amanye. . . Nidinga amanye amaKentucky Baptisti, amaMissionary Baptisti amadala phandle lapha. Nginyanitshela ba. . . Umehluko kuphela engiwubonile phakathi kwabo nabantu bePentecostal, abavumanga ukukhuluma ngezilimi; yilokho kuphela engangikwazi. Ba. . .

¹⁷⁴ Siyedlula; sahlala lapho e-altare, nomama abadala besizungezile bekhala futhi bekhuleka, besishaya emhlane kuze kwenzeke okuthile. Sahlala lapho size sife, futhi sazalwa ngokusha, futhi siba yisidalwa esisha kuKristu Jesu. Yebo, mnumzane. Kubi kakhulu ukuthi sihambile. Sifanele sihlangane noNkulunkulu. Lapho umuntu ehlangana noNkulunkulu, kwehlukile. Ungu—ungumuntu ohlukile kusukela ngaleyonkathi kuqhubeke.

¹⁷⁵ Kwakukhona onochoko ngesinye isikhathi, egcwele uchoko nje. Futhi ngenkathi ehlangana noNkulunkulu, kusukela kuleso sikhathi kuqhubeke, wayengenachoko. Kwakukhona owesifazane onesimilo esibi wenyukela emthonjeni ngesinye isikhathi ukuyokha amanzi, futhi ubone i—iJuda lihlezi ngaphesheya kolunye uhlangothi. Wayesehlisa imbiza; wayenesimilo esibi kakhulu, akaphumanga nabesifazane abahloniphekile. Babebahlukanisa ngaleyonkathi; abakwenzi manje. Ngakho bavele nje. . . Lowo ngumphakathi. Ngakho bavele nje babeka umthombo. . . ibhakede phansi base beqala ukulikhuphula *kanjalo*.

¹⁷⁶ Futhi ngenkathi ekwenza, wezwa Othize ethi, “Ngiphuzise, sifazane.” Noma, “Sifazane, Ngiphuzise.” Yileyondlela Asho ngayo, ngoba isenzo njalo singaphambi kwesandiso kulelozwe. Kodwa Wathi, “Ngiphuzise.”

Futhi ngakho, wathi, “Akusilo isiko kini maJuda ukucela amaSamariya okunjalo. Asinamasiko omunye komunye.”

Wathi, “Kodwa ukuba bewazi ukuthi Ubani obukhuluma naye, ubuyocela kiMi amanzi. Bengizokunika amanzi ungezi ukuzokha lapha.”

“Ngani,” wathi, “umthombo ujulile futhi Wenza kanjani. . . Uzokha kanjani empeleni na?”

Wathi, “Amanzi engiwanikezayo angukuPhila, ukuPhila okuPhakade kuphuphuma emphefumulweni.”

“Ngani,” wathi, “obaba bethu—bethu babekhonza kulentaba, Wena uthi eJerusalem. . .”

¹⁷⁷ Futhi Waqhubeka ne—nengxoxo waze Wawubamba umoya wakhe. Ngenkathi Ebamba umoya wakhe, Wathi, “Awu, hamba ulande indoda yakho uze lapha.”

Yena, khumbulani, wayengowesifazane onesimilo esibi. Ngakho wathi, “Hamba ulande indoda yakho uze lapha.”

“Ngani,” wathi, “anginandoda.”

Wathi, “Usho iqiniso. Ngoba ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho. Kulokho ukhulume kahle.”

¹⁷⁸ Bhekisisani lowo wesifazane. Ngokushesha, wayehlangane neNto ethize, Efanayo enihlangana nayo ebusuku ngabunye. Bekungakuguqula njengoba kwenza kuye na? Wathi, “Nkosi, ngiyabona ukuthi UngumProfethi Wena.” Kwakungumehluko muni kulokho, kumpristi owathi WayenguBelzabule. Wayeqeqeshwe kangcono kunengxenye yabashumayeli; nokho isifebe.

¹⁷⁹ Wathi, “Nkosi, ngiyabona ukuthi UngumProfethi Wena. Manje, siyazi, thina maSamariya sibheke uMesiya ukuba afike; Uzoba nguNkulunkulu-mProfethi. Uzoba nguMesiya, kodwa Uzositshela lezizinto. Uzokwenza lezi zinhlobo ezifanayo zemisebenzi lapho Efika.”

Ngabe leso yisibonakaliso sikaMesiya na? Kwakuyiso ngaleyonkathi. Niyabo?

Wathi, “Siyazi. . .Ngiyazi ukuthi UngumProfethi wena; ngiyabona ukuthi Unguye. Siyazi lapho uMesiya efika, Uzositshela lezizinto. Kodwa Wena Ungubani na?”

UJesu wathi, “NginguYe okhuluma nawe.”

¹⁸⁰ Manje, ngifuna umphikinkolo ukuba angitshela kanye ukuthi uJesu wathi. . .Abaphikinkolo abaningi bayakutshela, “UJesu akazange azisho ukuthi uyindodana kaNkulunkulu.” Wenza lapho; ya. Wathi, “NginguYe okhuluma nawe.”

¹⁸¹ Futhi ngokushesha washiya lelobhakede, futhi kusukela kuleso sikhathi, kusukela kuleso sikhathi, wazi ukuthi uMesiya wayesemhlabeni. O, he, ukuba kuphela besingenza into efanayo kulobubusuku. Ukuba besingaqonda ukuthi Akafile. Uphila kuze kube phakade; Uphilela ukwenza ukunxusela. “Ngoba Ngiyaphila, nani niyaphila.” UMoya waKhe ukithi; uMoya waKhe uphakathi kwethu.

¹⁸² Kusukela kuleso sikhathi, amadoda omuzi akholwa kuNkulunkulu ngenxa, ubufakazi bowesifazane. UJesu

akazange akwenze futhi ezansi lapho; Wehla nje, wakwenza lokho ngesinye isikhathi, futhi lonke iSamariya lakholwa kuYe. Akazange abe neyodwa inkonzo yokuphulukisa; Wayelondolozela uFiliphu lokho. Kodwa kusukela kuleso sikhathi kuqhubeke, lowo wesifazane waguqulwa; lowomuzi waguqulwa.

¹⁸³ Ngesinye isikhathi umdobi omdala, iphinifa elidala elinogrisi ezizongolozele ngalo, umfowabo, u-Andreya, wamenyusa phambi kukaJesu. Futhi wathi nje angafika phambi kukaJesu, uJesu wathi, “Igama lakho unguSimoni; uyindodana kaJonase.” Futhi kusukela kuleso sikhathi, kusukela kuleso sikhathi, lowo kwakuyindoda ehlukele.

¹⁸⁴ UFiliphu wahamba futhi wafumana uNathanayeli futhi wamletha kuYe, Wayesethi, “Bheka umIsrayeli okungekho nkohliso kuye.”

Wathi, “Rabi, Ungaze nini na?”

¹⁸⁵ Wathi, “Ungakabizwa nguFiliphu, usephansi komuthi, Ngakubona.” Futhi kusukela kuleso sikhathi, kusukela kuleso sikhathi, wayengumuntu oguqukile. Noma ubani uyaguqulwa oke axhumane noNkulunkulu.

¹⁸⁶ Kwakukhona umJuda omdadlana onekhala eliyihhuku. Ibandla elinezihluthulelo lalenze iphutha elikhulu kakhulu. Babehambe bazungeza base bethi, “Manje, asibuthane sonke.” (Sizobona ukuthi izihluthulelo zenzani.) Wazungeza wayesethi, “Asibuthane sonke futhi sikhethe indoda eyodwa engenile yaphuma phakathi kwethu kusukela ekuqaleni ukuthatha indawo kaJuda, ngoba kulotshiwe emBhalweni, ‘Indawo yakhe mayibe yincithakalo futhi omunye athathe ububhishobhi bakhe.’”

¹⁸⁷ Futhi bathi benza unkatho, lwadla uMathiya; akazange enze lutho. Lokho kwakungukukhetha komuntu. Futhi uNkulunkulu wehla futhi wathola umfo omdadlana odelelekile kunabo bonke owayekhona emzini ukuba athathe indawo yakhe, iJuda elidadlana.

Wathi, “Ngizomkhombisa nje ukuthi yini eNgizomenza aNgenzele yona.”

¹⁸⁸ Futhi wabhekisisa uStefanu ngenkathi efa, lokho kwathi ukumthola. Khona-ke into elandelayo niyazi, wayesindleleni yakhe ebheke ezansi. Wayenencwadi iletha ephaketheni lakhe, yathi, “Ngizobathola bonke labobagingqiki abangcwele. Nginencwadi iletha khona lapha evela kumpristi omkhulu. Ngizokwehlela eDamaseku, futhi ngizobaphosa ejele; ngizokwenza konke engingakwenza. Ngizokumisa lokho kudazuluka, nokumemeza, nakho konke lokho kuqhubeka, ukukhuluma ngezilimi, nezinto. Ngizothola iziyalo; ngizokwenza.” Lelokhala elincane lilenga *kanjalo*.

UNkulunkulu wathi, “Ngizohlangana naye nje emgwaqeni futhi ngimguqule.”

¹⁸⁹ Ciske emini bebade, wayeza maphakathi nomgwaqo, futhi into yokuqala niyazi, leyoNsika yoMlilo yabonakala phambi kwakhe, yase ithi, “Sawulu, Sawulu, uNgihluphelani na?”

Wawela emhlabathini. Wathi, “Nkosi, uBani engimhluphayo na? Ungubani iGama laKho na?”

Wathi, “NginguJesu, futhi kul’khuni kuwe ukukhahlela ameva.”

Futhi kusukela kuleso sikhathi, wayisusa incwadi yakhe iletha futhi waba ngomunye wabo; kusukela kuleso sikhathi. Yebo, kwamguqule.

¹⁹⁰ U-Ananiya wabeka izandla phezu kwakhe ngombono awubonayo, futhi wemukela ukubona kwakhe, wamehlisela emfuleni iDamaseku futhi wambhaphathiza. Uba yi... ngongcwele ebandleni labeZizwe. Nkulunkulu . . .

¹⁹¹ Manje, bukani lapha. Kanjani... Ukuba-ke babethe, ngenkathi uPawulu esephendukile, mhlawumbe ibandla lathi, “O, bukani ukuthi sinani manje. SinaloPawulu omkhulu. Siyazi ukuthi leyondoda yahlala phansi kukaGamaliyeli; ungomunye wothisha abakhulu kunabo bonke ezweni. Futhi ungumFarisi; u...o, uyindoda enkulu. Sizombeka phezulu eJerusalema, futhi sizomenza inhloko yebandla enhla lapho. Futhi sizothatha uPetru, kusobala lowo onezihluthulelo; akazi lutho, akakwazi...” IBhayibheli lathi wayengazi lutho futhi engafundile. “Futhi unezihluthulelo, ngakho sizomthumela nje kwabampofu, abeZizwe abayizimungulu. Lowo yi—yilowo esizomthumela futhi. Ngoba wenza inqwaba yezimangaliso, kodwa lendoda enkulu eyisihlakaniphi; sizokwenyukela lapha nesixuku sezihlakaniphi.”

¹⁹² Hhe, uMoya oNgcwele wathumela uPawulu kwabayizimungulu, futhi wamenza wakhohlwa yikho konke ake akwazi, wayesethatha uPetru, oyisimungulu, wayesemthumela phezulu kwabafundile. Kwakuyini indaba na? Bahlangana noNkulunkulu, futhi kusukela kuleso sikhathi kuqhubeke izihlakaniphi azibalanga, kunjalo. Kusukela kuleso sikhathi kuqhubeke, irekhodi laguqulwa. Ukuthi uNkulunkulu uzenza kanjani izinto eziphambene nje nokucabanga komuntu. O, he. Ku... Unjalo... Wenza izinto kalula kakhulu. Yebo, uPawulu wayengumuntu oguqukile.

¹⁹³ Kwakukhona indoda eyimpumputhe, sashumayela ngobunye ubusuku, ihlezi esangweni, inxiba iziphlo. Futhi yahlangana noNkulunkulu, futhi kusukela kuleso sikhathi kuqhubeke, yayikwazi ukubona. Kwakukhona uhlanya ngale eGadara, oluklebhula izingubo zalo kulo, lwalufuna ukuhlala emathuneni. Leyo yindawo enhle yamademoni. Ngakho lwalala

phandle lapho, futhi babelugaxa ngamaketango nxazonke. Lwalunamandla kakhulu. Bukani indoda. . .

¹⁹⁴ Senake nambona umuntu ohlanyayo na? Ngani, utw- . . . kuphindwe kathathu amandla akhe, noma kane. Futhi uma, ukuzinikela kakhulu kudeveli bekungakunika amandla aphindwe kane, ubungaba yini ukuba uzinikele kuMoya oNgwele na? Bekungaba ngokuphindwe kazinkulungwane ezingakanani amandla akho. Ungesabi. Ngani na? Uhamba ngeGama leNkosi uJesu; lolo wugcobo. Hlangana noNkulunkulu futhi uthole ukuthi kwenzekani.

¹⁹⁵ Loluhlanya lugijimela phandle lapho. Udeveli wathi, “Hamba ulande lowomfo omdadlana obukeka ezacile ekhuphuka lapho, amahlombe akhe eqhothile.” Wathi, “Hamba ulande lowomfo omdadlana ezansi lapho. Buka bonke labobantu beqalaza ngakuye.” Wathi, “Yehla futhi umlande.”

¹⁹⁶ Nangu ephuma egijima, futhi ngenkathi enza, wahlangana noNkulunkulu. Futhi kusukela kuleso sikhathi kuqhubeka, wagqoka izingubo zakhe futhi wayesephilile engqondweni yakhe. Ini? Ngenkathi ehlangana noNkulunkulu! Bangani, kunezikhathi lapho uhlangana noNkulunkulu, kuguqula wonke umuntu.

¹⁹⁷ Okomzuzwana nje, ngizokwenza ukuvuma manje. Ngifuna nilalele lokhu. Sengibe umfundisi iminyaka engamashumi amathathu nanye. Sengiyavala emva kwalobubufakazi. Angikaze ngesabe ukufa selokhu ngaba ngumKristu. Kodwa okwangethusa, noma, kwangikhathaza, kwakuyisikhathi, uma ngife ngaphambi kokuba uJesu afike, ngangingafuni ukuba ngu—ngumoya. Ngi—ngihlala ngesaba noma yini ebukeka njengesipoki; ngi—ngi—ngiyakwesaba. Ngakho, ngi—ngi—ngicabangile ngenkathi nga—nga—ngazi lomzimba. . . Ngacabanga ukuthi ngiyohamba ngiyoba neNkosi, kodwa mhlawumbe ngiyobona omunye wabafowethu. Futhi lapho babedlula njengefu elincane elimhlophe, umoya, umphefumulo walowomuntu.

¹⁹⁸ Bengiyothi, “O, nango—nango umfowethu. O, ukuba nje bengingamxhawula. Akanasandla; sibolile phansi ethuneni. Uma bengingathi, ‘Halo,’ kodwa akana. . . Angikwazi ukuba ne. . . Anginalo ulimi; ulimi lwami lubolile phansi ethuneni. Uma ngingamgona, kodwa angika. . . Ngi—ngingumoya.”

¹⁹⁹ O, lokho kwangethusela ukufa. A—angizange nje ngikuthande lokho. Futhi ngi—ngi—ngingumuntu ongakwazi ukufunda nokubhala, futhi a—angikwazi ukufunda kahle nje, nginemfundo yebanga lesikhombisa. Futhi ngakho-ke ngase ngicabanga, “Awu, he, uma nje benginga. . . Ngethemba ukuthi ngiphilela iNkosi ifike.”

²⁰⁰ Manje, ngiyazi lapho Esebuya, umzimba wami uyovuswa. Ngiyazi ukuthi ngiyoba nomzimba; konke ukuguga kuzobe

kungasekho. Awusoze waguga lapho. Qhabo, mnumzane. Lonke uphawu lwesono luzosuswa, nokuguga kuwuphawu lwesono. Ngakho, yonke into eyayimele isono izosuswa, ngoba ekuqalekisweni. Akusikho ukuthi wona, kodwa ungomunye wohlanga luka-Adamu, futhi u—ubuyela othulini.

Futhi ngacabanga, “Uma nje bengingaphila ukuba ngibone uJesu eza.”

²⁰¹ Ngithe kuMfowethu Gene lapha, uMfowethu Leo nabo, izikhathi eziningi, noMfowethu Fred, abaningi babangane bami, bengiyothi, “O, ngithemba ukuthi ngiyaphila ukuba ngibone uJesu efika, ngoba nxa Efika, ngiyoguqulwa, futhi angiyikudingeka ngibe yilesa sipoki. Angifuni ukuba yilokho. Qhabo, mnumzane.” Nga—ngathi, “Ngizoba, ngiqagele kulungile, kodwa ngi—ngifuna ukuxhawula. Ngiyazithanda izidalwa ezingabantu. Angazi lutho ngaphandle kwezidalwa ezingabantu, ngakho ngi—ngingathanda ukuba yilokho.”

²⁰² Futhi ngokunye ukusa, cishe emavikini amahlanu edlule manje, ngangikade ngiphumile emhlanganweni, ngiyangena. Ngangikhathele, futhi ngavuka egumbini cishe ngelesikhombisa nqo. Futhi ngathi, “Sizokwehlela etabernakele kulokhu ukusa, noma ekuseni,” kumkami. Futhi wayesalele, futhi ngathi ukusukuma, ikhanda lombhede, ngase ngibeka izandla zami ngemuva *kanje*. Futhi ngangilele lapho nje, ngicabanga. Ngathi, “Hheyi, ngineminyaka engamashumi amahlanu ubudala. Angikayenzeli lutho iNkosi, okwamanje. Ngifanele ngisheshise futhi ngenze okuthize.” Futhi ngathi, “Ngine... Ngi—ngizoguga emva kwesikhashana.” Futhi ngathi, “Ngi—ngifanele ngiphuthume futhi ngenze okuthize; angiyenzelanga lutho iNkosi.”

²⁰³ Ngathi, “Kodwa uyazi, ngingakuzonda ngempela uku... Ngiyawuzonda umqondo wokufa ngaphambi kokuba Afike.” Ngathi, “Uma nje Engafika...” Ngathi, “Ngi—ngiyawesaba lowomcabango, uma ngizodingeka ngihambe uma Elibala iminyaka embalwa nokho, futhi mhlawumbe angiphili ukuba ngikubone, futhi ngizofanele ngife futhi ngibe ngumoya.” Mm, angikuthandanga nhlobo lokho.

²⁰⁴ Futhi ngenkathi ngisalele lapho ngicabanga lokho, ngezwa Into ethize ecace nje njengoba nizwa iphimbo lami, njengoba benginitshela izolo ebusuku, yathi, “Qhubeka uphikelela.”

²⁰⁵ Awu, ngi—ngi...kuqala ngi...Kufika ngendlela enjalo, njengalemibono nje lapha: Uyakusho, futhi awazi ukuthi ukushilo. Uyakhuluma, ukhuluma; awazi ukuthi uyakhuluma. Lapho ngibona umbono phambi komunye umuntu, angazi ukuthi ngitheni. Indlela kuphela engazi ngayo ngukubuyela eteyipini lapha futhi ngikuthole. Niyabo? Angazi ukuthi ngitheni, ngoba ukwenye indawo kwenye indawo, mhlawumbe iminyaka engamashumi amane, engamashumi amahlanu emuva

phansi empilweni yomunye umuntu, noma ngaphambili le empilweni yomunye umuntu. Niyabo? Awazi; awazi nje ukuthi uyakusho.

Futhi nga—ngathi, “Ngiyaphikelela.”

Yathi, “Qhubeka uphikelela; qhubeka uphikelela.” Yathi, “Umvuzo omkhulu usekugcineni kwendlela.”

²⁰⁶ Manje, ngicele imvume yo—osihlalo nokunye nokunye ukusho lokhu. Ngikholwa ukuthi kwakungumbono, kodwa uma bekuyiwo, angikaze ngibone noma yini enjengawo. Ngibone imibono kusukela cishe ngineminyaka emithathu ubudala, mhlawumbe ngimncane kunalokho. Futhi angikaze ngibone noma yini enjengalena, angikaze ngibe nesehlakalo esinje ukuba senzeke kimi. Ngifunda incwadi umfundisi lapha anginike yona, yomunye umuntu owayeneshlakalo esifanayo. Ngayifunda, ngokuba kuyo kwathi uMfowethu (Bekuyini leyo na? Wigglesworth na? Noma . . .) Price, UMfowethu Price waba nesehlakalo into efana naleyo; Bengifuna ukuthola incwadi yakhe futhi ngibone ukuthi bekuyini. Ngi—ngifuna ukuthola.

²⁰⁷ Angifuni ukuthi “ukuguqulwa,” ngoba kuyobukeka sengathi, uma ubungakwenza, kwakungukuzama ukukopisha uPawulu oNgcwele. Qhabo, ngifuna uku—ngifuna ukuba yilokho engiyikho nje. Niyabo? Nje . . . Ngeke ngaba nguPawulu oNgcwele, kodwa ngikhonza uNkulunkulu ofanayo amkhonzayo. Futhi ngakho . . .

Ngathi . . . Yayilokhu ithi nje, “Phikelela.”

Futhi nga—nga—ngaphendula, ngathi, “Awu, ngiyaphikelela.”

Wathi, “Umvuzo omkhulu usekugcineni kwendlela.”

Ngathi, “Ngiyaqonda . . .” Ngathi, “Ubani . . . Lowo kufanele ukuthi bekungumkami.” Ngathi, “Utheni, s’thandwa na?”

Ngamnyakazisa; ngathi, “Meda? Utheni na?”

Wathi, “Hhe?” Wayelele.

²⁰⁸ Ngase ngithi, “Awu bekungesuye.” Ngathi, “Mhlawumbe lowo bekunguMoya oNgcwele.” Ngathi, “Baba waseZulwini onomusa, ngabe bekuNguwe ukhuluma encekwini yaKho na? Yini Obungathanda ukuba ngiyazi na?”

²⁰⁹ Akukho okwakhulumayo. Ngalinda isikhashana. NgaYizwa futhi, ithi . . . Kubonakala sengathi ngangimuzwa othile ecula lelculo, “Nkosi, mangibuke ngale kwekethini lesikhathi.” Senake nakuzwa na? Niyazi na?

Nkosi, mangibuke ngale kwekethini lethunzi,
losizi nokwesaba,
Mangizwe izinsimbi ezimnandi zechweba
zikhala,

Bekuyokhanyisa indlela yami futhi
 bekuyoxosha konke ukwesaba;
 Nkosi, mangibuke ngale kwekhethini
 lesikhathi.

Kubonakale sengathi bengimuzwa othile ecula lelo. Ngacabanga, “Ngiyamangala ukuthi kuyini lokho na?” Nganginjengoba nje, njengoba nginjalo manje.

Futhi ngezwa iNto ethize ithi, “Qhubeka uphikelele.”

Ngathi, “Ngizophikelela.”

Wathi, “Ubungathanda ukubona ngale kwekhethini na?”

Ngathi, “Bekuyongisiza.”

²¹⁰ Futhi nje ngaleyonkathi, ngezwa into ethize yenzeka kimi. Futhi ngacabanga, “Yini indaba lapha na?” Futhi ngabheka emuva, futhi ngangizibona ngilele embhedeni.

²¹¹ Manje, uma lokhu—uma lokhu kukuvimbela, uNkulunkulu angithethelele ngokukusho. Niyabo? Angikaze ngikuxoxe ngaphambilini, kuphela ebandleni lami, ibandla lami uqobo. Futhi ngabuka emuva, futhi ngethemba ngomusa kaNkulunkulu, ukuthi aningifaki esigabeni sohlanya. Ngi—ngi...Uma nginjalo, angikwazi. A—angifuni ukuba njalo. Qhabo, mnumzane. Kodwa ngi...UNkulunkulu eZulwini uyazi ukuthi lokhu kuyiqiniso, njengoba ngibamba iBhayibheli lami phezu kwakho, njengoba nje nginitshelile izolo ebusuku ngezingwejeje. Lokhu kwenzeke maduze nje.

Ngabheka emuva, futhi ngazibona mina, futhi nganginyakazi. Ngase ngiphenduka, ngabheka ngapha; kwakubukeka njengendawo encane yehla *kanje*.

²¹² Futhi ngi—ngi—ngikusho lokhu hhayi njengokuxolisa, kodwa ngibe l’khuni impela kwabesifazane. Bengibizwa ngozonda abesifazane, kodwa angisuye; a—angisuye. Ngi—ngiyabathanda odadewethu, kodwa angithandi ukubona abesifazane beziphatha ngendlela laba besifazane baseMelika besimodeni abayiyo. Ngenkathi ngiya eSant’Angelo, umgede wokungcwaba izidumbu eRoma, e-Italy, kwakukhona isayini phezulu lapho ngasemgedeni okungcwatshwa kuwo izidumbu yathi, “Ngiyacela, besifazane baseMelika, gqokani izingubo zenu ngaphambi kokuba ningene kulendawo futhi nihloniphe abafuleyo.” Mm. Isaziso kwabesifazane baseMelika, ngani, kuyihlazo.

Bangibuza, “Aninabo yini abesifazane abahloniphekile laphaya na?”

Ngathi, “O, impela sinabo. Lokho nje yi...Leso esinye isixuku.” Niyabo?

Kodwa bazi njengomMelika nje, yilokho okwakuyikho.

213 Futhi ngakho, lokhu...ngi...Ngeke ngibe nesikhathi kulomhlangano ukunitshela. Ngo 1933...Lesi yisizwe sowesifazane. Siyinombolo yeshumi nantathu. Sivela esahlukweni seshumi nantathu seSambulo: izinkanyezi eziyishumi nantathu, imishwe eyishumi nantathu, ishumi nantathu...Yonke into iyishumi nantathu. Yonke into ngowesifazane. Futhi khumbulani, ISHO KANJE INKOSI kuzobakhona owesifazane obusayo ngaphambi kwesikhathi sokuphela. Kuphakathi kokuthi uzoba nguMongameli, iPhini likaMongameli, noma kuzoba yiBandla eliKatolika njengowesifazane. Ngimbonile: Owesifazane omkhulu, isizwe sasikhothama kuye. Kuyoba ngoyedwa ngaphambi kwesikhathi sokuphela. ISHO KANJE INKOSI. Kubhale phansi bese uthola, nina bantu abasha. Ubone uma kwenzeka. Uma kungenjalo, ngingumprofethi wamanga.

214 Manje, khumbulani nje; lokho ngokuphela. LeMelika iyisizwe sowesifazane. Yindawo lapho engukulunkulu khona ngokuzimela, nendoda ayisho lutho kuye. Uyaqinelana; uphethe yonke into, amabhizinisi nakho konke, wangena ngisho nasebandleni emsamo, ipulpiti, futhi uliphethe manje. Ngakho nakho—nakho lapho uya khona, niyabo, ku...Futhi lokho ngokoqobo akukho ngokombhalo njengo—njengoKayini no-Abela...noma u-Abela wayeyoba yi...njengoKayini. Impela, zonke lezizinto, ungumbusi. Futhi ungu—ungukulunkulukazi. Lokho kuyiqiniso eMelika.

215 Hhayi nina, bodadewethu, kodwa ngangihlala nginesihluku kancane ngabo kanjalo. Futhi mhlawumbe ngi—ngicabange kalukhuni kakhulu kancane, mhlawumbe, ngezinye izikhathi. Kodwa ngingakwenza kanjani na? Uma u—uma ungowomoya, uzokubamba khona manje. Niyabo? Bangaki kini ocabanga ukuthi niyaqonda engikushoyo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kuhle.

216 Bukani u-Eliya. Wabizani na? Akakwazanga ukuzibamba. Umemeze kakhulu ngokumelene nalowoJezibele; wakwenza na? Kanjani...Nakhu kufika uJohane umBhaphathizi nomoya wakhe ofanayo. Wayengazivimba kanjani ukungakhali ngakho na? “Akuvunyelwe ukuba ube nomkamfowenu.” Kwamlahelekisela ngekhandla lakhe. Niyabo? Niyabo? UNkulunkulu uthatha umuntu waKhe, kepha neze umoya waKhe. Niyabo? Ulokhu uhamba uqhubeka wehla. Ukwandulela kokuFika kweNkosi uJesu, njengoba Akhuluma ezansi lapho emfuleni ngo—ngo 1933 ngenkathi ngibhaphathiza lapho, futhi niyabona ukuthi kwenzekani kukho. Niyabo? Khona impela nje Athi kuyokwenzeka. Ngakho awukwazi ukuzibamba.

217 Futhi ngenkathi ngibuka, kuza kugijima kimi, kwaku, kwakubukeka kufana kimi, isigidi sabesifazane abasebasha, cishe abaneminyaka engamashumi amabili ubudala. Angikaze

ngibabone abesifazane ababukeka kanje empilweni yami yonke. Amehlo abo ayebukeka njengezinkanyezi, amazinyo abo amhlophe njengeparele, izinwele ezinde zilenga okhalweni lwabo, begqoke izingubo ezimhlophe zehle ezinyaweni zabo, futhi babengafake lutho ezinyaweni. Futhi ngamunye babe. . . Manje, ngi. . . Ngiyaxolisa manje, nina besifazane. Ngamunye wabo wayegijima enyuka futhi esho engigaxa ngezingalo zakhe, futhi empompoloza, “Mfowethu oligugu.”

²¹⁸ Manje bukani, uNkulunkulu uyazi, ngenkathi ngisengumfana, nayifunda indaba yami, ngenkathi ngeneminyaka eyisikhombisa ubudala, iNgelosi yeNkosi yahlangana nami njengesivunguvungu kulesosihlahla ngalolosuku futhi yathi, “Ungalokothi ubheme, uphuze, noma ungecolise umzimba wakho.” Angikaze ngibheme empilweni yami, angikaze ngiphuze empilweni yami, futhi ngine. . . Angazanga-muntu wesifazane ngaphandle komkami. Futhi ngakho manje-ke, angiphilanga ngokuziphatha okubi ngenkathi ngiseyisoni. Futhi. . . Kodwa ngi. . . Selokhu ngibe ngumKristu, ngizamile ukuphila ngokuqondile njengoba ngazi ukuthi kufanele ngiphile kanjani, noNkulunkulu uyazi ukuthi lelo yiqiniso.

²¹⁹ Futhi—futhi ake ngisho lokhu: Angikhathali ukuthi umuntu unobungcwele kangakanani, inqobo nje uma engumuntu, angeke athathe obunye ubulili ngengalo yakhe, isifazane, ngaphandle kokuba nomuzwa womuntu. Futhi angikhathali; ungitshela lokho, futhi ngizokutshela ukuthi uxoxa indaba. Futhi uma uyindoda enegazi elibomvu, uma ngempela u—uyindoda, kungaleyondelela; awukwazi ukuzibamba. Ungumuntu. Angisho ukuthi ubuyokwenza noma yini engalungile, manje; kodwa umuzwa ulapho ngokufanayo impela nje.

²²⁰ Kodwa kulokhu, kwase kungasekho. Makabongwe uNkulunkulu, kwakungasekho. Kwakufana—kungafani ngenkathi ngithatha udadewethu uqobo, uDelores, ngezingalo zami. Kwakungafani nomama ethatha ingane yakhe. A—angazi. Kwakuphelele.

²²¹ Futhi ngabuka, nakhu kufika isigejane sabelilisa, sasibukeka njengezigidi zabo zivela ngapha. Futhi bonke babegqoke izingubo ezinde ezimhlophe futhi babenokufana, izinwele eziyaphuzelayo zilenga ngasentanyeni yabo. Futhi babengidumela futhi bememeza, “Mfowethu oligugu.”

²²² Ngathi, “A—angazi.” Futhi ngaphenduka, ngabheka, futhi nakho ngangilele embhedeni. Manje noma ngabe kukuphi, akuqhelile kakhulu nalapha. Uma kungelinye izinga noma ini, ngeke ngasho. Kodwa ngabheka emuva, futhi ngazibona mina ngilele embhedeni; ngabheka ngapha, futhi nampa lababantu babelapha. Futhi lokho. . .

223 Uma bengingathi “kuphelele,” lokho bekungeke kukwenze. Uma bengingathi “kuhle kakhulu”; angilitholi igama lesiNgisi. Kwakungekho izolo, kungekho kusasa, kwase kuyikho konke manje; akukho-kugula, akukho-sizi, akukho-sono, akukho-kukhathala; babengadli baphuze; babengalali, babengadingekile bakwenze; kodwa nokho babeyizidalwa. Futhi babengigaxa ngezingalo zabo, ngikuzwa ngokufanayo nje njengoba ngizwa izandla zami uqobo *kanje*. [UMfowethu Branham umbambatha ingalo yakhe—Umhl.]

224 Futhi ngabuka ngicindezela esixukwini, futhi nakhu kuza umkami uqobo othandekayo. Wafa ngenkathi eneminyaka engamashumi amabili nambili futhi nangu eza, umama kaBilly. Futhi uza ngqo. . . Ngathi, “Uzongibiza ngomyeni wakhe.”

225 Wayehamba edabula kwabesifazane, evayizelisa kimi *kanjalo*. Ngangiwabona lawomehlo amnyama ecwebezela nje. Wayeyintombazane yaseJalimane. Wagijima wenyuka wase engigaxa ngezingalo zakhe. Wathi, “Mfowethu othandekayo.”

Futhi kwakukade kukhona owesifazane omuhle ngempela emi lapho, wavele nje wangigaxa wayesethi, “Mfowethu oligugu.”

Kwase kuthi-ke uHope, wabeka ingalo yakhe (Lowo kwakungumkami.) wagaxa lona omunye wesifazane ngengalo yakhe; wathi, “Akumangalisi na? Unathi manje.”

Ngathi, “A—angikuqondi lokhu.” Ngathi, “Ngi—ngi—ningeke nga qo- . . .”

226 Futhi lamadoda angiqukula, futhi angihlalisa phezulu endaweni enkulukazi ephakeme, futhi angihlalisa phansi. Futhi babedumisa uNkulunkulu, kungekho namunye wabo owayenganga, bengisingatha nje, futhi bethi, “Mfowethu, mfowethu oligugu.”

Futhi ngabheka, futhi abantu babevela ndawo zonke. Ngase ngithi, “Kuyini lokhu na?”

NaleloPhimbo manje, aveli kumuntu, iPhimbo elifanayo elakhuluma egumbini lalilokhu linami, Lathi, “Lolu wuthando oluphelele.”

227 Futhi bengihlala njalo ngifundisa: Ubufakazi bukaMoya oNgcwele wuthando oluphelele. Niyabo? Ngiyakholelwa ekukhulumeni ngezilimi, impela. “Kepha noma ngikhuluma ngolimi lwabantu nolweziNgelosi kepha ngingenalo uthando, angilutho, ngiba yithusi elikhencezayo nensimbi encencethayo.” Ngakho, lapho ukhuluma ngezilimi futhi unothando ngakho, lokho kuzokukhombisa.

228 Nothando ebesiyoba nalo lapha bekungafana nokuqala lapha esithunzini, sethunzi, sethunzi kungene ethunzini; futhi kusukela ethunzini kuya enkungwini, futhi kuya emswakameni omncane, futhi kungene emfudlaneni, emfuleni,

bese-ke kungena olwandlekazi. Yilapho okufika khona lapho, kuphelele nje, yonke into. Ubungeke ufe; ubungeke ube yinoma yisiphi isono. O, angikaze. . . A—angisoze ngakwazi ukuchaza ukuthi leyoNdawo yayiyini. Niyabo? Ku—ku—kuvele nje. . . Kwakuphelele nje, ngale kokuphelela. Futhi nje ngaleyonkathi, kwakukhona i. . .

Ngathi, “A—angiqondi ukuthi kuyini lokhu.”

Nowesifazane omuhle ngempela egijima enyuka wayesethi, “O, mfowethu oligugu,” wathi, “Ngijabula kakhulu ukuthi usufikile.”

Futhi waphenduka, ngase ngimbuka, ngase ngicabanga, “He, ukuthi wonke umuntu ubukeka emuhle kakhulu kanjani, futhi esemusha kakhulu, futhi ngakho. . .” Ngase ngithi, “Yini le?”

NaleloPhimbo lathi, “Phakathi lapha konke ukufana kokuguga nayo yonke into kubuyiselwa ekupheleleni.”

²²⁹ Niyabo, sidla ukudla size sifike onyakeni othize. Ngenkathi ngineminyaka eyishumi nesithupha, ngangidla isa- . . . Makuthi isayense ingiphendulele lokhu: Ngidla ukudla okufanayo ngenkathi ngineminyaka eyishumi nesithupha ubudala, ngiyadla manje: ubhontshisi, isinkwa, amazambane, inyama. Futhi njalo lapho ngidla, ngivuselela impilo yami. Noma ubani uyazi ukuthi lokho kwenza amangqamuzana egazi, futhi sifika kanjalo-ke emhlabeni. Futhi manje, udokotela ohlezi lapha ubezokwazi okufanayo. Ngase-ke ngiya ngokuqina, ngiya ngokuba mkhulu ngaso sonke isikhathi. Futhi ngenkathi ngithola cishe amashumi amabili nambili, nani futhi, ngisadla ukudla okufanayo, futhi ngikhula ngiba buthakathaka ngaso sonke isikhathi, ngifaka impilo entsha emzimbeni wami.

²³⁰ Ngichazeleni, bososayensi: Uma ngithela amanzi ngojeke engilazini, futhi lapho igcwala uhhafu, ngilokhu ngithela kakhulu futhi ilokhu yehla. Ngokwesayense, ngitshele ngalokho. Okuyikho, yisikhathi sokubonana uNkulunkulu asenzayo. Lapho ufika kulowonyaka, Unawe nje lapho Akufuna khona, uthi, “Woza kufa; hlala phakathi.” Buza isayense uma ungaqali ukufa emva kokuba cishe usuneminyaka engamashumi amabili-nambili ubudala. Akunandaba ukuthi udla kahle kanjani, uyafa, uhamba khona lapho. Ekugcineni kuzo. . . Ukufa kusemzileni wakho ngaso lesosikhathi. Kodwa uyakhula uze ukhuphukele kulowonyaka. Kusukela cishe. . . Usungcono kunakho konke kusukela cishe kweleshumi nanhlanu kuya cishe emashumini amabili-nambili. Kunjalo.

²³¹ Lababantu babebukeka besesiqongweni sabo nje, ekubeni kokudlula konke kwabo nje. Futhi mina, ngibabuka lapho nokuthi babebuka kanjani. Ngakho lokho, ngacabanga, “Akumangalisi lokho na?”

²³² Futhi ngenkathi ngibona intombazanyana yami, eneminyaka eyisishiyagalombili ubudala, ngenkathi...Niyabukhumbula ubusuku, futhi nikufundile endabeni yami. Ngenkathi ngihlangana nayo, yayingowesifazane osemusha. Yathi, “Sawubona, Baba.”

Ngase ngithi, “Baba? Ngani, umdala njengami. Angikuqondi.”

Yathi, “Baba, emhlabeni, nganginguSharon wakho omncane.”

Ngathi, “Uphi umama wakho na?”

Yathi, “Uphezulu ekhaya lenu ekulindile.” Yathi, “Ngizolinda lapha uBilly Paul, umfowethu.”

²³³ Futhi ngenkathi ngiphuma embonweni...UHope wayengigaxile Lapho, futhi ngenkathi ngiphuma embonweni, ngimi egumbini, wayesalokhu engigaxile. Futhi ngangingekho embonweni, kungekho ukuquleka; ngangimi njengoba ngimi manje. Futhi wayengimbambatha kulelihlombe. UNkulunkulu unguMahluleli wami.

Ngase ngithi, “Hope, uselapha, awukho na?”

Wathi, “Billy, ngethembise ukuthi ngeke ukhathazeke ngami noSharon.”

²³⁴ Ngangithi nje sengizo...Bengiphethe ivolovolo esandleni sami emizuzwini embalwa ngaphambili. Ngalishaya yonke indlela, ngizama ukuzibulala. Ngosuku olufanayo, ngazama ukubeka isandla sami entanjeni kagesi eyizinkulungwane ezingamashumi amathathu nantathu ngenkathi ngisebenza njengosogesi, niyayazi indaba yami. Futhi into yokuqala engiyaziyo, ngangiphansi, ngihlezi lapho, ngijuluka, ngingazi ukuthi kwakwenzekeni. Lokho kwakusho uNkulunkulu egcinela nina bantu lenkonzo; ngangiyohamba ngayo leyonkathi.

Futhi ngakho, wayengigaxile. Ngathi, “Hope, uselapha.” Kwakumnyama egumbini.

Wathi, “Uyangethembisa na?”

Ngathi, “Ngiyakwethembisa, Hope.”

Futhi ngenkathi enza, wangishiya; wangimbambatha, wathi ukungigona, wayesengishiya.

Ngathi, “Uselapha, Hope, ndawo ndawo, awukho na?” Ngazizwa ngiseduze kwakhe. Ngakhanyisa ilambu, ngaya kuzo zonke izihlalo ngase ngifinyelela ngapha.

²³⁵ Ngathi, “Ukuphi, s’thandwa na? Ungangishiya; ungangishiya.” Ngahamba ngazungeza egumbini, ngimuzwa ngomuzwa kanjalo; umfana nje, obesanda kushada kancanyana, noBilly noSharon babezelwe.

²³⁶ Futhi ngimbonile. Ngenkathi ngimbona ngalesisikhathi, wayebukeka ngendlela efanayo. Futhi ngangihlezi lapho

kulendawo. Ngase ngithi, “Angikuqondi lokhu. Ungibekeleni phezulu lapha na?”

Wathi, “Wawungumholi. Wazalwa ungumholi, ukuhola abantu.”

Ngase ngithi, “O, he.” Ngathi, “Awu. . .”

Wathi, “Awu, lokhu ngukuphelela.” Wathi, “Lokhu kufana nokhokho ngenkathi bebuthene nabantu babo.”

Ngathi, “Ngabe lokhu yi. . .? Ngi—ngi—ngi—ngi. . . Lokhu kungemuva kokufa na?”

“Yebo.” Ngaphenduka ngabheka emuva. Lapho ngangisalele embhedeni. Futhi Wathi, “Lokhu kungemuva kokufa.”

Ngase ngithi, “O, khona-ke sengifile. Awu, lokhu kuyamangalisa; lokhu kuhle kimi ukuba lapha. Ngiyakuthanda lokhu.”

Futhi khona-ke lona wesifazane, intombazane enhle ngempela evele nje yangigaxa *kanjalo*. Futhi yathi, “Qhubeka nje uphikelela.”

Ngase ngithi, “Awu, ngani. . . Angiqondi.” Ngithi, “Bonke laba oBranham na?” Kwakubukeka njengezigidi zabo. Ngathi, “Bonke laba oBranham na?”

LeloPhimbo lathi, “Bangabaphendukile bakho.”

Ngathi, “Abaphendukile na?”

²³⁷ Wathi, “Uyambona lowo wesifazane omazisayo na?” Wathi, “Wayesedlule emashumini ayisishiyagalolunye ngenkathi umholela kuKristu. Mbuke manje. Akumangalisi wamemeza kakhulu, ‘Mfowethu oligugu.’”

²³⁸ Ngathi, “O, uma kuphela beningabuyela emuva, uma kuphela beningaba nethuba. Bengiyobadumela; bengiyobadonsa; bengiyobancenga. Niyabo? Ningavumeli muntu akugeje lokhu. Lokhu uku—lokhu ukuphelela.”

²³⁹ Futhi nje ngaleyonkathi, ngabheka. Nganginenja endala. Sasivame ukuzingela; yangigqokisa, yangifaka esikoleni, ukuzingela i-opozamu, ukuzingela izinyamazane ezifana nenyamazane igqalashu nezinto. Futhi ngenkathi singena edolobheni, iphoyisa layidlisa ushevu.

²⁴⁰ Ngenkathi ngimbambatha ithuna layo, ngenkathi ngiyincwaba egekeni lethu elingemuva, ngathi, “Fritz, uma kukhona indawo. . .” Ngangiyisoni, cishe ngineminyaka eyishumi nesikhombisa ubudala. Ngathi, “Uma kukhona indawo ebizwa ngeZulu, uyoba lapho.” Kamuva, ngaphenduka. Bengihlala njalo ngicabanga. . .

Manje abanye. . . Ngatshela omunye lokhu, futhi bathi, “Isilwane siseZulwini.”

²⁴¹ Ngokoqobo kukhona izilwane eZulwini. Ngifuna ukunibuza okuthize. Khipha ukugxekwa ngokushesha impela. Ngitshele ukuthi kwenzekani kulawomahhashi nezinqola ezehlayo zase zithatha u-Eliya zase zikhuphuka. Likuphi lelohhashi uJesu angena, egibele, nengubo yaKhe icwiliswe eGazini, egibele ihhashi lasempini elimhlophe na? E-hhe? Iphi leyompisi newundlu okuzodla ndawonye, nengonyama idla utshani njengenkunzi na? Kuvelaphi lokho na?

²⁴² Futhi ngabuka, oza ehla enqamula igquma, futhi nakhu kuza uFritz omdala. Wangibuka wase ekhuphuka wangikhotha esandleni, ngambambatha. Ngaleyonkathi nje uPrince omdala, ihhashi lami, liza ligaxa intamo yalo ehloambe lami futhi liqala ukukhala.

Ngathi, “O, Nkulunkulu.” Ngabheka phezulu.

Futhi Wathi, “Konke lokho owake wakuthanda, nakho konke okwake kwakuthanda kubuthene lapha.”

Ngase ngithi, “Ngifuna ukubona uJesu. Ngifuna ukubona Lowo ebengimthanda futhi—futhi ngamsebenzela.”

²⁴³ Futhi bathi, “Ungeke waMbona khona manje; Uphakeme kunalokhu. Kodwa ngolunye usuku Uzobuya, futhi lapho Efika, Uzoza kuwe kuqala. Futhi uzobuzwa ngeVangeli olishumayelile. Bese kuthi-ke, uma uphumelela ukuhlolwa, khona-ke sizohamba nawe, emuva, futhi Yena, sibuyele emhlabeni futhi siphile ndawonye kuze kube phakade emzimbeni, umzimba wenyama lapho esiyodla khona futhi siphuze.”

Futhi ngathi, “Usho ukuthi, Uzongibuza ngeZwi engilishumayelayo na?”

Lathi, “Yebo.” NaleloPhimbo elikhuluma kimi lakusho.

Ngathi, “Awu, ngabe uPawulu oNgcwele uzobuzwa naye na?”

Lathi, “Impela, nenhlango yakhe yebandla.”

Ngathi, “Khona-ke uma uPawulu oNgcwele ekwedlula, nami ngizokwedlula nami.” Ngathi, “Ngikushumayele ngayo impela nje indlela enza ngayo, angihambisanga nelilodwa izwi.”

Kwase kuthi-ke lezozigidi zamemeza kakhulu, “Siyakwazi lokho, futhi siphumule siqinisekile.”

Futhi cishe ngalesosikhathi, ngezwa iPhimbo lithi, “Qhubeka uphikelela.”

Futhi ngazizwa ngishelela. Ngathi, “Angidingi ukubuyela emuva, ngiyadinga na?”

“Qhubeka uphikelela.” Ngaphenduka ngase ngibuka umzimba wami; ngiwubonile uhamba. Bengiza ku; ngomzuzwana nje ngangisegumbini futhi.

²⁴⁴ Bangani, kusukela kuleso sikhathi, bengingumuntu oguqukile. Angazi ukuthi nizocabangani ngalokhu, kodwa

ngesandla sami siseBhayibhelini, lelo yiqiniso. Lokho . . . Noma ngabe kukuphi, angazi noma bekulapha, noma bekungumbono. Angikaze ngibe nokukodwa okunjengakho. Futhi ake sithi kwakungukuhlwithwa okuncane (angisho ukuthi kwakuyikho), ngithi, umoya wami waphuma, futhi waya lapho (angazi ukuthi kwawuyini), uma—uma lokho kunenkazimulo phansi kwaleloZulu lokuqala, kufanele ukuthi uPawulu wabonani ngenkathi eya eZulwini lesithathu futhi uyabuya wayesethi, “Iso alikubonanga, indlebe ayikuzwanga, futhi akukaze kungene ezinhliziyweni zomuntu, lokho uNkulunkulu akubekele abaNkandayo.”

²⁴⁵ Kade ngizimisele kakhulu. Ngi . . . Lena yimvuselelo yami yesibili kusukela ngaleyonkathi. Bengizimisele kakhulu ukwenza konke engingakwenza ukuncenga abesilisa nabesifazane, ngicela niqiniseke ngalokhu: Uma uthando lukaNkulunkulu lungagxili okwehange enhliziyweni yakho ngokuphakeme kakhulu, ungathathi noma yimuphi umuzwa noma idlingozi; qiniseka ukuthi u—ungaphendula esinye isihlathi, ukuthi—ukuthi uNkulunkulu . . . ukuthi—ukuthi uKristu uyikho konke kukho konke kuwe. Ungakugeji, mfowethu.

²⁴⁶ Khumbulani nje. Ngizosho lokhu, ngokukholwa enginakho kulowombono, noma ngabe kwakuyini, ngizokukhuluma eGameni leNkosi: Uma ungenalo lolothando oluphelele, awusoze waba lapho, ngoba akukho okungake kube lapho ngaphandle kwalo. Umoya wakho uyobe uphumile endaweni lapho. Kwakungeke kufike; bekungeke kube khona indlela yokuba kufike. Akungaphezu kokuba bekungaba ngohlamvu lombila ukuba lumile luphume emhlabathini ngaphandle kwembewana yokuphila kulo. Akunandaba ukuthi bekungabukeka kungokwemvelo kanjani, bekungeke kuphakame.

²⁴⁷ Mngane wami, nina bantu abadala, nina bantu abasha, anazi ukuthi nizohamba ngasikhathi sini. Asikwazi lokho. Kodwa ake nginincenge, njengomfowenu ongumKristu, ukuthi . . . lowo okuthandayo: Ngaphandle uma uzalwe ngokusha, noMoya kaNkulunkulu wothando ungena enhliziyweni yakho, impela uzoyigeja leyoNdawo. Ake nginibuze: Uma uNkulunkulu engiphe . . . enike umusa phakathi kwethu, futhi niyangikholwa, ngithembekile. Kwenzekeni na? Angazi.

²⁴⁸ Kodwa uNkulunkulu eZulwini, O—Osezindaweni zonke futhi ulapha manje, lapho ngishiya lelizwe, Baba waseZulwini, ngicela ungivumele ngiphumule phakathi lapho kuze kufike uJesus. Lokho yi . . . lokho—lokho kuzo—lokho kuzoba ngumvuzo owanele kimi, uma nje ngingaphumula kuleyoNdawo, ngize ngiMbone efika.

²⁴⁹ Kwase kwembulwa kimi, “Uma lelidokodo lasemhlabeni

lidilizwa, sinalo eselivele lilindile”; sinelilodwa elilindile. Mfowethu, dadewethu, lelo yiqiniso. Manje, ngicabanga ukuthi nginoMoya kaNkulunkulu. Uma uMoya ophezu kwami ungenjalo, angazi.

²⁵⁰ Bukani, ake sithathe imvelo yakho. Ake sithathe iNsika yoMlilo eyalandela abantwana bakwa-Israyeli, Leyo abanesithombe sayo. Akungabazeki abanengi benu banaso; uma kungenjalo, sicoshe lapho udlula. Lapho sahlolwa khona nguHulumeni weNhlangotho yamazwe, inhlobo ye-FBI ye-Minyatheliso yeminwe neZincwadi; silapho ehholo. Esisodwa silenga eHholo lobuCiko lezeNkolo eWashington, DC njengokuphela kwesiDalwa esingaphezu kwemvelo esake sathweshulwa. Ibonakale emsamo. Abangcwele bayakwazi; baYibhekisisile. Izigidi eziphindwe kazigidi emhlabeni jikelele ziYibhekisisile inyakaza, ziYibone zona uqobo ivela emsamo.

²⁵¹ Umkami, cishe ezinyangeni eziyisithupha ezedlule, waYibona okokuqala. Wayesemfuleni ngalolosuku ngenkathi Ibonakala ezansi lapho. Ngenkathi udaba luhamba lonke i—izwe elikhuluma isiNgisi kwi-Associated Press: *UkuKhanya Okufihlakele Kuvela Phezu koMfundisi weBaptisti wendawo Ngenkathi Ebhaphathiza*. Yama lapho, Yakhuluma; abantu baYizwa ikhuluma emuva naphambili. Izinkulungwane zabantu zimi lapho zingibukela ngibhaphathiza emvuselelweni yami yokuqala, abaphendukile abangamakhulu amahlanu eMfuleni i-Ohio. Kwakusephepheni, izingcaphuno zephephandaba; sinakho. Kwafakwa kwi-Associated Press; iCanada yakuthola; macala onke ezweni lonke. “UkuKhanya okufihlakele. . .”

²⁵² Manje, izwe lesayense liYithathile. Manje, banaYo izikhathi ezintathu noma ezine ezehlukene. IJalimane iYithathile. BaYithathile ezansi lapha eCalifornia esikhathini esingaside esedlule. Lawo ngamadoda angempela namakhamera angempela.

Ikhamera yaseJalimane yathi, “Angazi noma ikhamera yethu ibingaYibamba na?”

Ngathi, “Wamukelekile ukuzama.”

²⁵³ Futhi ngenkathi uMoya wehla, baYithatha yehla, bathatha ngenkathi Yayihlukanisa umoya, futhi baYithatha yenyukela emuva phezulu futhi. O, he. Izinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane zawela esiPhambanweni eJalimane. Futhi yilapho engizobuyela khona masinya nje lapho be. . . ngingakhululeka ukuba ngibuyele eJalimane futhi, lapho eLausanne, eSwitzerland, Iyafika futhi.

²⁵⁴ Manje, bhekisisani imvelo yaYo. Uma umvini. . . Uma u. . . Uma igatsha lokuqala. . . UJesu wathi, “NgingumVini; nina ningamagatsha.” UJohane oNgcwele 15, ngiyakholwa. Ngabe kunjalo na? “NgingumVini.”

255 Manje, yini uMvini owaveza igatsha na? Igatsha lokuqala kwakuyibandla lePentecostal. Ngabe kunjalo na? Bese kuthike igatsha lesibili livela lizoba ngelinye ibandla lePentecostal. Manje, asiyiboni iPentecostal kuwo onke amabandla, siyayibona na? Qhabo. Awu, kuyini na? Ngumvini ofakelwe.

256 Ungathatha isihlahla samapentshisi noma ungathatha i, ngingathi, i—isihlahla samawolintshi, futhi usifakele cishe noma yiluphi uhlobo lwesithelo sokusawolintshi. Ungafakela cishe noma yini, uphaphamuzi noma yini enye, kodwa ngokufakelwe. Kodwa uma umvini wasekuqaleni qobo lwawo uveza igatsha, uyoveza uhlobo olufanayo lwesithelo esalethwa owokuqala.

257 Manje, uma uJesu Kristu enguMvini, nokuPhila kwaKhe. . . Manje khumbulani, okwaKhe. . . Umvini awutheli izithelo; igatsha lithela isithelo, kodwa linikwa amandla ngumvini. Ngabe kunjalo na? Awu, manje-ke uma ukuPhila kukaKristu kuba kithi, Kuyoletha uMoya waKhe nemisebenzi yaKhe. Ngabe kunjalo na? Lifanele, ngoba LinguMvini kaNkulunkulu. Manje. . .

258 Manje, bhekisisani leNgelosi yeNkosi. Siyazi ukuthi lokho kuqinisele. Manje, bhekisisani ukuthi hlobo luni lwemvelo Enalo. Ithela isithelo esifanayo eYasenzayo ngenkathi lapha emhlabeni. Manje, Isibuyile eBandleni, ithela isithelo esifanayo, yenza elinye iBandla lePentecostal, ngayo impela nje indlela Eyenza ngayo okokuqala. Manje, leloBandla labeka uphawu ubufakazi babo ngegazi labo. Babengabantu abamesabayo uNkulunkulu; babemthanda uNkulunkulu; bahlala nakho.

259 Futhi noma yini eniyenzayo, noma yini eniyenzayo, bangane, ake nginicele, uma ningikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu, ake nginitshela okuthize: Ningayigeji leyoNdawo emangalisayo. Ningayigeji. Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

260 Ngiyamangala manje nje, ngaphambi kokuba siqhubekele phambili enkonzweni: Ngabe ukhona oyedwa lapha, ababili, idazini, bangaki olapha obengathanda ukuthi, “Mfowethu Branham, ngikhumbule emkhulekweni khona manje, selokhu ukhulume lokhu, ngibe nokwesaba okuncane kokufa, ngi—ngi—ngifuna ukuba nalesosiqiniseko, ngifuna ukuphakamisa isandla sami kuNkulunkulu, futhi ngithi, ‘Ngikhulekele’”?

261 UNkulunkulu akubusise lapha, ndodana. UNkulunkulu akubusise; uNkulunkulu akubusise, wena, wena. Yebo, nonke emuva lapho, uNkulunkulu anibusise. UNkulunkulu anibusise, kuyo yonke indlu, kuvulandi osesitezi; siyazibona izandla zenu phezulu lapho. “Ngifuna ukuba nalokho kuthula okudlula ukuqonda konke.”

262 Ngiyabhekisisa, ngikhuleka. Phakamisa isandla sakho. Vumela uMoya oNgcwele ukhulume. Uma ufa kulobubusuku, ngabe uzoya lapho okukhona khona ukuhamba ngamasondo

futhi, ukulila nokugedla amazinyo na? Noma ufuna ukungena kulokho okubusisiwe, ukuphumula okumnandi ngokuthula na? Ngikusho eGameni leNkosi, ngogcobo lukaMoya oNgcwele.

²⁶³ UNkulunkulu akubusise, s'thandwa. UNkulunkulu akubusise emuva lapho; uNkulunkulu akubusise, dadewethu. Omunye umuntu na? Phakamisa isandla sakho. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Kunjalo, uNkulunkulu akubusise.

²⁶⁴ Ngiyabhekisisa, ngilinde umzuzwana nje. Wonke umuntu namakhanda enu ekhotheme, nikhuleka. Kulungile, qhubeka nje. UNkulunkulu akubusise; ngiyasibona isandla sakho. Kukhona engikubhekisisayo. UNkulunkulu akubusise; lokho kuhle. Kulungile, omunye umuntu na? Qhubeka nje ulindile. Kulungile.

²⁶⁵ Baba waseZulwini, Uyazibona izandla zabo. Bengibhekile, ngibheka into ethize yenziwa, Wazi konke ngakho, Baba. Ngiyakhuleka manje ukuthi uMoya waKho uzoba phezu kwabo kamnandi. Mabazi ukuthi lokhu engikushilo, kwangathi kungenzeka ukuthi bangathi, "Kusukela kulesisikhathi kuqhubeka," izimo zabo zokuziphatha sesiguquliwe; ubulukhuni obobusezinhliziyweni zabo sebuncibilikile; ukuthula okumnandi nothando lobuNkulunkulu seluthathe indawo yakho. Siphe khona, Baba.

²⁶⁶ Kwangathi ngamunye wabo angemukela umbhaphathizo wothando lukaNkulunkulu enhliziyweni yabo, ukuthi bebengaphendula esinye isihlathi, bahambe imayela lesibili, njengoba Enza, namathe ebusweni baKhe nameva ebunzini laKhe, ephethe amazulu nomhlaba ezandleni zaKhe, ehamba ngobumnene eya esiphambanweni ukuba afele abantu ababeMbulala. Nkulunkulu, kanjani. . .

²⁶⁷ Senze sibe ngaleyondlela, Baba. Khipha inhliziyo yabo eyitshe kithi bese ufaka eyangempela, emnandi, inhliziyo enomusa kithi; faka uMoya kithi njengoba Enawo. UMoya kaNkulunkulu mawuphumule phezu kwalowo nalowo walaba; kube nabantu abangamashumi amathathu noma amashumi amane abaphakamisa isandla sabo. Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzobapha ukuPhila okuPhakade. Kwangathi bangalokothi babe namahloni ngaWe; kwangathi bangeza ngobumnandi kuWe.

²⁶⁸ Kwangathi bangaqonda manje, ukuthi Into ethize ibenze baphakamisa izandla zabo. Kuyini na? UMoya oNgcwele. UMoya kaNkulunkulu, ophezu kwabo manje, wababangela ukuba baphakamise izandla zabo ukwenza isinqumo.

²⁶⁹ Kwangathi lobubusuku bungaba ubusuku obuza... bangathi, "Kusukela ngalobobusuku bangoMgqibelo ezansi lapho kuleloholo elikhulu lesikole, ngahlangana noNkulunkulu. Kukhona okwenzeka kimi; ngiguquliwe kusukela lapho."

270 Siphe khona, Baba. Ngibanikela kuWe njengemiklomo yomlayezo. Futhi Wena wathi, “Konke uBaba aNgiphe khona kuzakuza kiMi, futhi akukho namunye wabo olahlekile.” O Nkosi, Wabatshela ukuthi Uyobapha ukuPhila okuPhakade futhi ubavuse ngosuku lokugcina, lokho kuPhila okuPhakade, lolothando, olwaluyobaletsa ebukhoneni baleNdawo enkulu engaba nenhlanhla yokuyibona emavikini ambalwa edule.

271 Baba, ngeke ngasho ukuthi bekuyini. Angazi. Uyayazi inhliziyoyami, kodwa ngithembekile kuphela kulokho engikushoyo, Uyangifakazela, Baba. Futhi ngizo... Yindawo emnandi kakhulu. Nkulunkulu, lapho izinsuku zami seziphelile, ngithanda ukubona uJoseph omncane eyindoda engingabeka leliBhayibheli esandleni sakhe, ngoba usuku lokunikelwa kwakhe Wakhuluma, wathi, “Joseph, ungumprofethi wena.” Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzovumela okuphindwe kabili kukaMoya kumfana wami. Uma nje Uzongivumela ngiphile ukuba ngiKuzuzele imiphefumulo ngize ngiguge, beseke ngibeka leliBhayibheli ngale ezandleni zendodana yami, uJoseph, futhi ngiyitshela ukuba iqhubeka neVangeli elifanayo, bekuyoba yimpilo egcwele, Baba.

272 Nokho lapho Usulungele mina, amen. Ukuphumula okuhle kanje pho; ngi—ngilangazelela ukubona leyondawo futhi. Nkosi Jesu, kwangathi wonke umuntu olapha kulobubusuku, wonke umuntu ozwile umlayezo kulobubusuku, kwangathi kungabibikho namunye wabo olahlekayo. Kodwa kwangathi bonke, ngiyababona phakathi lapho.

273 Khona-ke, lapho sigijima futhi sisho sigaxana omunye nomunye, lapho kungekho-mehluko, khona-ke, phakathi kowesilisa nowesifazane, akukho-mehluko; u—u—umushwe wesono sekuqediwe ngawo. Thina ngempela, khona-ke, bafowethu nodadewethu, lapho esingahlala khona, isono ngeke sisangena, akukho-micabango emibi, akukho lutho olungake lufike kulolohlobo lwendawo. Kungebekhona ukungcola. Sonke siyoba munye kuKristu.

274 Asibonakale lapho, Nkosi. Makuthi lezizalukazi namakhehla aqonde ukuthi ngibatshela iqiniso. Ku—ku—kuyiqiniso. Makuthi lababantu abasha benze iphethini yempilo yabo, bemi ezimpambanweni zomgwaqo kulobubusuku, kwangathi bangakhetha indlela efanele ukuthi akuyikubakho ukudabuka kwenhliziyoyami ngosuku lokusuka. Siphe khona, Baba. Ngibanikela ezandleni zaKho manje, eGameni leNkosi uJesu Kristu. Amen.

275 Uzizwa ukahle ngempela na? Uyakholwa ukuthi uMoya kaNkulunkulu ukubangele ukuba uphakamise isandla sakho na? Ake sibone. Niyakholwa ukuthi bekuyikho na? Uyakholwa ukuthi kuvela kuNkulunkulu na? Nginitshelile ngokusuka enhliziyoyami.

Ngenkathi ngikhuluma norabi lapha esikhathini esingeside esedule, wathi, “Mnu. Branham, niMbiza ngeNdodana kaNkulunkulu,” wathi, “makube kude noNkulunkulu ukuba nendodana.”

Ngathi, “WayeyiNdodana kaNkulunkulu.”

Wathi, “UNkulunkulu enendodana na? Wayengesuye uJesu engesuye uKristu.” Wathi, “Wayengaba nguJesu, kodwa wayengesuye uKristu.” Kwakungaleyondlela-ke.

Ngathi, “Mnumzane, ubungabakholwa abaprofethi na?”

Wathi, “Yebo, impela ngiyabakholwa abaprofethi.” Wayengurabi, urabi wamaJuda, eBenton Harbor, eMichigan.

²⁷⁶ Ngathi. . . UJohn Rhyn wayekade ephulukisiwe, eyimpumpithe iminyaka engamashumi amabili, ehlezi esitaladini. Wathi, “Nginika uJohn izipho eziningi zomusa.” Wathi, “Mandla maphi—maphi, uyinike gunya lini ukubona kwayo na?”

Ngathi, “Angikaze ngimnike ukubona kwakhe. Wemukela ukubona kwakhe ngokukholwa eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu.”

Wathi, “Yiphi yona indodana kaNkulunkulu na? UNkulunkulu wayengaba kanjani nendodana na?”

Ngase ngithi, “WayeneNdodana.” Ngathi, “Uyamkholwa u-Isaya 9:6 na?”

Wathi, “Impela.”

Ngathi, “Umprofethi wayekhuluma ngobani na? uMesiya na?”

Wathi, “Yebo.”

Ngathi, “Buhlobo buni—buni uMesiya azoba yiboo kuNkulunkulu na?”

Wathi, “WayenguNkulunkulu. Uzoba nguNkulunkulu.”

²⁷⁷ Ngathi, “Wayenjalo noJesu. WayenguNkulunkulu enziwe inyama futhi—futhi wakha phakathi kwethu. UNkulunkulu wazizwakalisa Yena uqobo ngomzimba. Wa—WayenguNkulunkulu enziwe inyama; uMoya kaNkulunkulu wahlala kuYe ekugwaleni. SinaWo ngesilinganiso.”

²⁷⁸ Futhi sibhekisisa ukuPhila kwaKhe. Manje, uMoya kaNkulunkulu ukithi, kodwa lokho okuyikho: asikwazi nje ukuvula leyomigudu emincane evalekile ukuvumela uMoya ugeleze wedule. Manje, uMoya kaNkulunkulu, uma Ubusebandleni kulobubusuku, ubuyofakaza ngoMoya kaNkulunkulu. Ngabe kunjalo na?

Ngabe akhona amakhadi omkhuleko emhlanganweni na? (Ngabe uwakhiphile amakhadi omkhuleko na? Qhabo na?)

Akhona amakhadi omkhuleko na? Qhabo, akukho-makhadi omkhuleko.

²⁷⁹ Kodwa kukhona uNkulunkulu: iGama laKhe nguJesu Kristu. UyiNdodana kaNkulunkulu. Ngikholwa ukuthi nginogcobo lwaKhe. Umlayezo engiwushumayelile kini, uma ungokaNkulunkulu, vumela uNkulunkulu aqinisekise iZwi laKhe uQobo. Bengingahlosile ukwenza lokhu, kodwa ngi-ngizizwa nje ngiphuthuma ngalokhu ngaphambi kokuba ngisho enye into.

Bangaki abantu abagulayo ophakathi lapha na? Phakamisa isandla sakho, ukuthi uyagula futhi udinga uNkulunkulu, phakamisa isandla sakho. Phakamisa isandla sakho nje, uthi, “Ngiyakholwa.”

²⁸⁰ Uyakholwa na? Uma uNkulunkulu ezofika lapha futhi enze imisebenzi efanayo Ayenza...Bangaki abakholwayo ukuthi uJesu Kristu ungumPristi oMkhulu khona manje na? Incwadi yamaHeberu, ngabe kunjalo, bazalwane na? Ngabe kunjalo na? UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Bangaki owaziyo ukuthi lelo yiBhayibheli na? Unini Yena na? Khona manje; awu, uma Enjalo, iBhayibheli lathi, amaHeberu 13:8, “Nguyena izolo, namuhla, naphakade.” Ngabe kunjalo na? Kulungile. Uma EngumPristi oMkhulu ofanayo, khona-ke onguye izolo, namuhla, naphakade, uma uMthinta, Ubengenza kanjani namhlanje na? Uma Esenguye, Ubeyokwenza ngendlela efanayo. Ngabe kunjalo na?

²⁸¹ Kwase kuthi-ke owesifazane ngesinye isikhathi, wacindezela esixukwini futhi wathinta ingubo yaKhe, futhi wezwa ngaphakathi kuye ukuthi uphulukisiwe, futhi waphuma, futhi wahlala esixukwini.

Abantu abaningi babeMthinta, bethi, “O, sawubona Rabi. Siyajabula ukuba naWe lapha,” kanjalonjalo. Bese kuthi-ke lona wesifazane... .

²⁸² UJesu wathi, “Ubani oNgithintile na?” UPetru waMkhuza, kodwa Wathi, “Ngiyabona ukuthi amandla, amandla okuqina, aphumile kiMi.” Waqalaza phezu kwezethameli waze Wathola owesifazane omncane, wantshela ukuthi wayenompho nokukholwa kwakhe kwakumsindisile. Ngabe kunjalo na?

²⁸³ Awu manje, uma EngumPristi oMkhulu ofanayo, Ubengeke yini enze into efanayo kulobubusuku uma Ubengathintwa na? Manje, Wayezokwenza kanjani na? UnguMvini manje; singamagatsha. Ngabe kunjalo na? Awu khona-ke, Ubeyosebenza ngegatsha. Uma kuyigatsha elifanele eliphuma eMvinini, belingaziphatha ngendlela efanayo ukuPhila okwakuseMvinini. Ngabe kunjalo na? Manje, khuleka; uyakholwa.

²⁸⁴ Ngiyakhuleka; ngiyakholwa. Futhi phezu kokuma engikuthathele uNkulunkulu emhlabeni jikelele; nalenkonzo

yokubona okufihlakele manje iyasuka, futhi ngingena enkonzweni ephakeme kakhulu yokukhuluma iZwi. Futhi niyabona ukuthi uNkulunkulu wenzeni na? Useyibuyisele ngqo emathangeni abantu. Mabeze ngokusondela okufanele futhi babhekisise ukuthi kwenzekani, kodwa bafanele babe nendlela efanele yokusondela. Niyabo, niyabo? Niyabo, akekho ongaphulukisa; UnguMphulukisi. Kodwa ngeke ngakusho aze Akhulume kimi, niyabo? Kodwa ungakhuluma manje ngokukholwa kwakho futhi uthole ukuphulukiswa kwakho uma uzokholwa.

Wena nje, hamba uyokhuleka enhliziyweni yakho, “Nkosi, mvumele akhulume kimi.” Ubone ukuthi kwenzekani.

²⁸⁵ Futhi uma Ezokwenza, ngifuna ngamunye ophakamise isandla sakho, wozani lapha futhi nime nizungeze i-altare futhi asenze ukuthula kwethu noNkulunkulu. Khulekani, yibani nokukholwa.

²⁸⁶ Manje, Baba waseZulwini, emva kokushumayela kanjalo, lokhu yi...ushintsho impela. Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzonginika amandla ukuba ngiziphumuze futhi ngiphumuze abantu phandle lapho, ukuze thina, ndawonye, singavumela uMoya waKho usebenze ngathi. Bekuyosiza kangakanani ukuba Usebenze ngami, futhi hhayi ngabo na? Bekungebebikho kusabela. Wafika emzini waKho uQobo, lapho Wakhuliswa khona, futhi bakhubeka kuWe. Futhi Wena wathi, “Imisebenzi eminingi yamandla Ubungeyenze,” ngenxa yokungakholwa kwabo. Usenguwe kulobubusuku, ngokuba Unguwe izolo, namuhla, naphakade. Kwangathi konke ukungakholwa kungathathwa. Kwangathi banga...Uma ukungakholwa kungishaya futhi kuthi, “Ngeke kusebenze kulobubusuku,” ngiyakucasukela lokho. Wangethembisa, futhi ngiyaMkholwa. Manje, ukungakholwa makusuke kulendlu, futhi makuthi uKristu aZibonakalise ephila njengoba Athi Uyokwenza.

²⁸⁷ Manje-ke, Baba, uma ukuphela kufika ekuseni, khona-ke, Nkosi, bayohamba ngaphandle kwezaba. Ukuthi lababantu, abaphakamise izandla zabo, futhi bafuna Wena, bangahle bazi ukuthi nguMoya weqiniso kaNkulunkulu okhuluma nabo esakhiweni kulobubusuku, sinikela lezizinto kuWe, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

²⁸⁸ Manje, ngithatha wonke umoya ophakathi lapha ngaphansi kokulawula kwami, eGameni likaJesu Kristu, noma, ukulawula kukaMoya oNgcwele. Manje, khulekani.

²⁸⁹ Kukhona inenekazi elihlezi khona emuva lapha, elesibili phakathi, khona lapha, linenkathazo yezinso, likhulekela ukuphulukiswa kwalo. Ufuna ukuphulukiswa, nenekazi na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Uyakwemukela na? Kulungile, phakamisa isandla sakho-ke. Hamba uye ekhaya futhi uphile.

Buza owesifazane ukuthi ubengayikhulekeli yini inkathazo yakhe yezinso. Kunjalo.

Kunjalo, nenekazi na? Kunjalo, phakamisa isandla sakho, ukuze abantu babone.

Manje, alinalo ikhadi lomkhuleko. Angimazi owesifazane; angikaze ngimbone empilweni yami.

Ngabe kunjalo, nenekazi na? Uma siyizihambi omunye komunye, vayizelisa isandla sakho.

Manje, unokukholwa ukuba ukholwe.

²⁹⁰ Ngabe lokho kuMenza afane na? Wenzeni na? Uthinte umPristi oMkhulu; umPristi oMkhulu ukhulume ngami futhi wakhombisa umbono, khona impela nje Athi Uyokwenza.

²⁹¹ UJesu wathi, “Angenzi lutho, nje...” UJohane oNgcwele 5:19. “Ngiqinisile, ngiqinisile Ngithi kini, INdodana ingenze lutho ngokwaYo; kodwa lokho Ebona uYise ekwenza, lokho iNdodana iyakwenza.” Ngabe kunjalo na? Bangaki owaziyo ukuthi lowo ngumBhalo na? UJohane oNgcwele 5:19. Khuleka, khuleka nje; khuleka ngokuzithoba.

²⁹² Lapha, ngibone owesifazane osekulile ehlezi khona emuva lapha, khona impela emgqeni womunwe wami. Anikuboni lokho kuKhanya okulenga phezu kowesifazane khona lapha na? Bukani lapho; phendula ikhanda lakho nje futhi ubuke khona lapha. Owesifazane uphakamise ikhanda lakhe. Usekhulile impela; unezinwele ezimpunga. Unenkathazo ngeso lakhe. Ubene nongw-...unongwengwezi esweni lakhe, futhi bazozama ukukususa. Futhi uke waba nokuhlinzwa ungwengwezi ngaphambilini. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI.

²⁹³ Manje, mama, kunjalo, akunjalo na? Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho. Uma siyizihambi omunye komunye, vayizelisa isandla sakho. Nakho lapho okhona. Manje, uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Manje, yiba nokukholwa; kholwa nje uNkulunkulu.

²⁹⁴ Manje, uthinteni na? Uthinte umPristi oMkhulu. Uma uzokholwa, zonke izinto ziyenzeka. Uma ukholwa; konke kuyenzeka kwabakholwayo. Ngibhekile; qhubeka nje ukhuleka noma ngabe ukuphi, kuvulandi osesitezi noma ngabe ukuphi, akunandaba. Qhubeka ukhuleka. Thanani nje, “Nkosi, ngikhumbule. Ngiyagula.”

Manje, ungazami ukuzenza ube nokwethuka. Vele uthi nje, “Nkosi, ngikhulwa ukuthi indoda ingitshela iqiniso. Ngiyakholwa.”

²⁹⁵ Manje niyabo, yangitshelani iNgelosi na? “Uma ungathola abantu ukuba bakukholwe...” Ungangikhulwa njengomuntu, kholwa uMlayezo engikutshela wona. “. . . ngikhulwe, futhi ube qotho lapho ukhuleka, akukho lutho oluzoma phambi komkhuleko wakho.” Yilokho iNdoda eyakusho kimi.

²⁹⁶ Ngibona owesifazane ekhala izinyembezi, esula izinyembezi emehlweni akhe. Uma ezongikholwa njengomprofethi kaNkulunkulu, uhlezi khona lapha phambi kwami, uNkulunkulu uzomsindisa. Angikwazi, angikaze ngikubone. Kodwa awusuye owalapha; uvela eGrants Pass. Uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, uzophulukiswa.

Nkulunkulu, uzogeja; ungamvumeli akugeje, Nkosi.

Nkk. Kruger? Ngikuphosela inselelo ukuba uMkholwe. Yiba nokukholwa.

²⁹⁷ Angimazi owesifazane; angikaze ngimbone empilweni yami, uNkulunkulu uyakwazi lokho. Ayikho indlela ezweni ukuba ngike ngimazi. Ungowesifazane nje ehlezi lapho.

²⁹⁸ Uma siyizihambi komunye nomunye, nenekazi, phakamisa isandla sakho. Kulungile. A-hha. Awu, noma yini Akutshela yona, ngabe yiqiniso lelo na? Vayizelisa isandla sakho emuva naphambili kanje. Kulungile. Uyakholwa na?

²⁹⁹ Ngibona owesifazane ehlezi le emuva lapha. Ugqoke ingubo eluhlaza sasibhakabhaka namagqabhagqabha amhlophe. Unesigaxa ngakwesokunxele sakhe. Yiba nokukholwa; ungangabazi. Ungakugeji. Nkulunkulu...Nkk. Griffith, yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho noNkulunkulu uSomandla uzophulukisa futhi akusindise.

Manje, uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Ucabangani ngakho na?

Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angaphulukisa, dadewethu na? Impela Uyakwenza. Uyakholwa ukuthi kuzobe kungasekho, okwakho...? Kulungile, ungaba nakho okucelayo. A-hha.

³⁰⁰ Manje, niyaMkholwa na? Khona-ke uMoya ongiyise ngaley a nguMoya ofanayo ophenduka lapha, izwe lesayense elinawo, okokuqala isiDalwa esingaPhezu kwemvelo sake sathweshulwa. YiNsika yoMlilo enkulu njengaleyo eyahola abantwana bakwa-Israyeli, nansi Iyasigcoba kulobubusuku, yenza imisebenzi efanayo Eyayenzayo ngenkathi IkuJesu Kristu phezu komhlaba.

³⁰¹ “Kuseyisikhashana, nezwe lingabe lisaNgibona,” kwasho uJesu, “kepha niyakuNgibona nina, ngokuba Mina, ‘Ngi’ yisabizwana somuntu, Ngizakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe. uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.”

³⁰² Abantu (O, Nkulunkulu!), aniqondi na? Ninganaki lendoda emahlombe aqhothile, enemandla emi lapha izama ukunitshela lezizinto. Ningangibuki, ngingafundile, ngingaphucuzekile; ningakuqapheli lokho. Bhekisisani imvelo kaMoya esebenza lapha. Kholwa yiNkosi uJesu! Akusimina; angikwazi, angazi

lutho ngawe. NguYe, uKristu egcwalisa iZwi laKhe kulokho Athi Uyokwenza.

³⁰³ Khumbulani, ukuphela kuyasondela. Funani isiphephelo ngenkathi nisengakwazi, ngenkathi iminyango yomusa isavulekile kwabeZizwe. Funani isiphephelo; lowo ngu ISHO KANJE INKOSI.

³⁰⁴ Ngimema nonke ongenakho lokho kuthula okuyoniyisa lapho, ukuba nize lapha, nime lapha ngakuleli-altare. Sonke isoni phakathi lapha, wonke umhlabani, ngifuna nize futhi nime khona lapha ngase-altare. Uma uMoya kaNkulunkulu ulapha okwaziyo, impela Ubezokwazi ukuthi senzeni.

³⁰⁵ UNkulunkulu akubusise, mnumzane. Sukuma uze lapha; ubone ukuthi uqotho kangakanani. Ubungahamba ukusuka emuva lapho uze lapha, uma bekungasho umehluko phakathi kokuya eZulwini noma ukulahlekelwa yinsindiso yakho na?

Wena uthi, “Ngiyilunga lebandla. Ngizelwe ngokusha.”

Ngabe unalo lolothando, uqinisekile na? Ungathathi-shansi kukho. Asicule manje.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wang'thanda kuqala (uNkulunkulu
akubusise, mfowethu.)
Wang'thengel'insindiso
EKalvari.

Makuthi sonke isoni size manje. Uzoma lapha na? Akunandaba ukuthi uyingxenywe yebandla lakho, isivumokholo sakho, umbala wakho, noma ngabe ungubani.

³⁰⁶ UNkulunkulu akubusise, mfo osemncane. Kwangathi iNkosi ingenza umshumayeli ngawe. Kulungile, woza. Ningeza manje, ngisho nangaphambi kokuba sicule iculo na? Wena ophakamise isandla sakho, ofuna ukuthola lokho kuthula, woza; ukuthula okudlula ukuqonda konke. Ungeze na?

Ng'yaMthanda,
Ya, kuthatha uthando lwaKhe ukukuyisa lapho.
Ng'ya . . .
Sukuma manje bese wehlela lapha, uzokwenza na?
Ngoba . . .
Futhi . . .

Ungeze na? Kubekhona cishe izandla ezingamashumi amathathu eziphakamile.


. . . Insindiso
Emthini waseKalvari.

Manje, umzuzwana nje. UNkulunkulu anibusise nina enimi lapha, nina madoda amathathu. Ngicabange ukuthi abesifazane bebehola indlela.

³⁰⁷ Lalelani! Nakhu ebandleni! Nakhu eGameni leNkosi! Ngiyaprofetha! Yingalesosizathu singeke saba nemvuselelo; yingalesosizathu uMoya kaNkulunkulu ungenakunyakaza ezethamelini; yingalesosizathu inkonzo yami ibe-...uku, kubonakala sengathi, iba ngengathandwa kubantu: UMoya oNgcwele uyafika futhi uqinisa konke Athi Uyokwenza, nabantu bazophakamisa izandla zabo futhi bazohlala esihlalweni sabo. Akusibo ubuqotho.

³⁰⁸ Manje-ke ungalindela kanjani ukuba nenkonzo yokuphulukisa na? Ungalilindela kanjani ibandla ukuba liqhubekele ekupheleleni kwalo, lapho abantu abangamashumi amathathu bezophakamisa izandla zabo futhi abathathu bazoza na?

Kuzweni! Lokho kuseGameni leNkosi: iMelika ilubonile usuku lwayo; ngeke isavuka. Isekuweni kwayo. Ngikhuluma eGameni leNkosi.

Ng'ya... (Busiswa...?...) 

60-0716 Kusakela Kuleso Sikhathi
Eklamath Union High School
Eklamath Falls, E-Oregon E-U.S.A.

ZULU

©2024 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothi si yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org